# *Izehlakalo Zamanje Zichasiswa Yisiprofetho*

Asikhothamise amakhanda ethu. Baba waseZulwini siyaKubonga kulobubusuku ngenxa yokuthi Usiphendulela umkhuleko. Lona wesifazane othandekayo bandla elele lapho, lapho ukuhlinzwa kwehlulekile. Kodwa, O Nkulunkulu, siyakukhumbula ukuhlinza kokuqala okwake kwenziwa emhlabeni, Wakwenza Wena uqobo. Uthathe ohlangothini luka-Adamu, ubambo, wavala ngci umsiko, wase wenza umfazi. O Baba, ngiyakhuleka kulobubusuku ukuthi isandla saKho sizokwehla manje futhi sizokwenza lento enkulu esiyicelayo. Nalaba abanye, Nkosi, lona wesifazane uguliswa ukucindezeleka kwengqondo, bonke abanye onezicelo, sibanikela kuWe nje, Baba, ngayo yonke inhliziyo yethu. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

Kuyinhlanhla impela ukuba lapha kulobubusuku nokuba nalezizethameli ezinhle ukuzibuka. Nokucula okuhle, ikhwaya encane eyisimangaliso. Bengicabanga umehluko nje, ngibona labobafana bemi lapho ne . . . abafo-ababukeka behlanzekile, ukugunda izinwele okuhlanzekile. Bengicabanga, izolo ebusuku, nge—ngendawo lapho engihlala khona; isigejane sezixhwanguxhwangu zangena ezansi lapho futhi zizama ukugwilizisa umfana eswimingiphuli; baze babiza okuthize futhi babakhiphe lapho. Umehluko onje pho, ukubona abantwanyana bemile, becula amaculo eVangeli; umehluko onje pho.

2 Ngicabanga, njengoba uMfowethu Henry eshilo lapho, "lawo madoda nalezozinwele njengoba abesifazane befanele babenazo," niyabo. Lokho—lokho—lokho kunjalo. Kubukeka njenge . . . Ngibona lababafana bathi ukuba nohlobo lwalezozinwele, baze bafake ngisho lamakama asonga izinwele kuzo, phezu kobuso babo. Angazi, ngi . . . ngezinye izikhathi ngiyadumazeka. Kubukeka sengathi ku—kuyisikhathi esiyiqiniso lempendukezelo. Owesilisa uzama ukugqoka izingubo zabesifazane, nabesifazane begqoka izingubo zabesilisa. Kanjalo nabesilisa beyeka izinwele zabo njengabesifazane, nabesifazane benezinwele njengowesilisa. Yini indaba ngalababantu, empeleni na? Ngabe i, ngempela, zona impela izintanjana zokuziphatha kahle kanye nokuhlonipheka kusukile kulesisizwe nabo lababantu, lomhlaba na?

3 Lesi yisikhathi esesabekayo, kodwa yisikhathi esihle kunazo zonke ezweni, ukushumayela iVangeli. Ukuba bengingama

onqenqemeni lwesikhathi ngaphambi kokuba sibekhona, noBaba ukuba wangibuka, wayesethi, "Yisiphi isikhathi kusukela phansi eminyakeni owawungafuna ukushumayela kuso na?" Bengiyofuna khona manje, khona kunjalo, ngaphambi nje kokuFika kwaKhe.

4 Ngibuka laphaya phezu kwezethameli, zihlezi lapha phambi kwethu. . . Umfundisi ongumngani wami, eTucson izolo, ubegibele ihhashi. (Ngicabanga ngalendoda nale. . . lona wesifazane nendingilizi eyisicaba emhlane wakhe.) Lelihhashi lamjikijela owesilisa. Enye indoda yangibiza ngelokuqala kulokhu ukusa, ehhotela lami, yase ithi, "Indoda isesiBhedlela iVeterans, namehlo ayo asazingilazi, umhlane wayo ufahlazekile, izinso zayo zifuqeleke ngaphandle, nenhliziyo yayo seyithi ayehluleke." Futhi lapho ngaguqa phansi kwiphansi lendlu, ngamadolo ami; utelefoni, ngamthola ngakwelinye ekugcineni, ngase ngimkhulekela. Futhi nangu uhlezi lapha kulobubusuku, ehlezi khona lapho. Lobo bekungubusuku bayizolo. Bob, ungasukuma nje lapho na? Nansi lensizwa, khona lapho. [IBandla alishaye izandla—Mhl.] UNkulunkulu uphendula umkhuleko, ekuseni, ebusuku, emini, phakathi nobusuku, kumbe noma ngasiphi isikhathi.

5 Manje, ngi—ngingumshumayeli oyisidina ngokukhulumela futhi kakhulu, njengoba bekubiza. Ngithi ukukuzonda ukuqalisa ngalesisikhathi sobusuku, futhi ngi—ngicabange ukuthi ngizoza neno nje. Ngobunye ubusuku, kungani, sasikhuluma ngapha endaweni ethize, ne. . . imizuzu eyishumi nanhlanu emva kokuba ngangikade ngikhona, abantu babecosha izindishi futhi bengiqhweba, "Yeka! Thula, ufanele uphume lapha," bebhema osikilidi, futhi beqhubeka. Kwakungesilo i—iphutha ledili, kwakungabantu kwakungabantu ababeqashe kulo. Kanye—kanye nonkosikazi womphathi wajikeleza wayesetshela imenenja, wathi. . .

6 Wathi, "Awu, ufanele uphume lapha ngele 9:30."

7 Wathi, "Awukufakanga neze lokho esivumelwaneni."

8 Lelinenekazi, kulobubusuku, lehlela lapha (elihle ngempela inenekazi) futhi lathi, "Siqondile ukuthi uyalifuna," lathi, "lithathe nje ngoba ulifunile." Lokho kwaba yinjabulo enhle. Ngakho ngibonga kakhulu ngalokho. Lokho kuhle kakhulu.

9 Mfowethu Henry, ngiwuthakasela ngempela umusa wakho—wakho wokungimemela lapha, nalomkhandlu wezikhulu zesonto.

10 Ngibe nenhlanhla izolo ebusuku yokuba sezansi lapha kwiAssemblies of God lapho engikholwa ukuthi uMfowethu Boone ungumelusi khona. Ngibe nesikhathi esimnandi ezansi lapho naleloqembu labantu. Futhi kusasa ebusuku siya ndawondawo laphaya, angazi ukuthi kukuphi, futhi ngomunye umkhandlu wezikhulu zesonto. Bayakunakekela lokho;

ngilokhu ngiqhubeka, nokukhuleka nje, futhi ngiqhubeka, futhi cishe yilokho kuphela engingahambisana nakho.

11 Kodwa, manje, sibona izinto eziyisimanga ngalolusuku. Manje ngikhumbula ngesikhathi esedlule ngilapha, emhlanganweni wethende. Ngiyakhumbula ngikhuluma ngakho izolo ebusuku, ngezithandani ezincane ezaletha ingane yazo efile. Ku—kusenhla ndawondawo enhla lapha, bashayela yonke imini nobusuku. Umama omncane ehlezi, edabukile, ebambe leyongane encane ngezingalo zakhe. Manje, angahle ukuba uhlezi khona lapha manje, yilokho kuphela engikwaziyo. Futhi u. . . umyeni omncane, abathi ababe babili babanye abathi ababe babili babo, futhi babe. . . Futhi uthe. . . wangicela ukuthi ngingeza yini (indoda yenzenjalo) emotweni. Ngayikhipha ingane encane futhi nje bengiyibambile; encane, efile, isikhonkobele, isiyisimo esibandayo; ngase ngiqala ukukhuleka. Futhi ngenkathi ngikhuleka, lowomzimba uqala ukuzwakala sengathi wawufudumala. Ngakho nje nga. . . Ngaqhubeka nokukhuleka. Yaqala ukukhahlela futhi inyakaza, ilokhu iqhubeka, ngakho ngi. . . qala ukukhala. Ngayibuyisela kumama, wahamba nayo ebuyela ekhaya. Ngakho, bangahle ukuba bebengesiwo ngisho namaKristu, yilokho kuphela engikwaziyo. Niyabo? Lokho kwakumangalisa.

12 Kodwa engikucabanga ngayo, kulobubusuku, ngazi ibandla elifayo, futhi, ngabantu bakithi bePentecostal. Sifanele sizithuntuthe siphume kulokhu, eh-ehhe, yilokho kuphela. Kanti nendlela kuphela enizokwenza ngayo ingumkhuleko nokulayina ngqo neZwi likaNkulunkulu. Yiyonandlela kuphela esizokwenza ngayo. Yinye kuphela indlela yokuphuma, UyileyoNdlela, uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Besingalifuna yini ibandla lethu lingene esimweni njengoba asho laphaya, njengaseNgilandi na? Yingalesosizathu kade ngi, niyacabanga, l'hlaza kakhulu, nginiklabalasela. Futhi angiqondile ukwenza lokho, kodwa angifuni ukubona ibandla lingena kulolohlobo lwesimo. Anifuni ukuba kulesosimo. Wena—wena nokho nifanele niLibethele phansi kakhulu impela nize niLibethele ngesipikili futhi niLenze libambisise. Kufanele kwenziwe.

13 Ngakho manje, kulobubuku, nje ngine. . . eminye imiBhalo nendikimba lapha engifuna ukukhuluma ngayo isikhashana. Angizukusho sikhathi esithize. Uyakhathala, ngani. . . Ngingahle ngiqede emizuzwini engamashumi amathathu, futhi nje kwencike ekutheni. . . ngihlala njalo nje ngikushiyela uMoya oNgcwele, ukuthi nje noma yiyiphi indlela Aholela kuyo.

14 Asikhothamise amakhanda ethu kade ngomzuzwana nje, sikhulume kuMqambi ngaphambi kokuba sivule iNcwadi yaKhe.

15 Nkulunkulu uSomandla, Mqambi waleNcwadi, ngoJesu Kristu siyakhuleka. Siyabonga ngalokho esesivele sikuzwile kulobubusuku. Uma besinga—besingagcizelela lomhlangano ngokuthi, "Amen," futhi siye ekhaya, bekumnandi ukuba lapha, ngokuba siyazi ukuthi Ubunathi. Futhi, Baba, njengoba sivula leLizwi manje, khuluma kithi ngqo ngaleliZwi, ukuze sazi ukuthi ihora esiphila kulo. Uma silazi ihora esiliphilayo, khona-ke singalilungiselela lelohora; kodwa uma singena ngokuphuphutheka singazi ukuthi *ini* noma *kuphi,* khona-ke singazi ukuthi silungise kanjani. Ngakho, Baba, sikhulekela ukuthi Uzosenza sibone uMkhumbi lapho, noMnyango, uvulwe, noMlayezo usibizela phakathi. Siphe khona ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

16 EmiBhalweni eNgcwele, ngifuna ukufunda indikimba lapha; etholakala ngale eNcwadini kaLuka oNgcwele, isahluko 24, u. . . Ngizoqala evesini 13, bese ngifunda ingxenye yaWo.

> *Futhi, bheka-ke, ababili babo babehamba ngalona lolosuku* bevela *emzaneni othiwa iEmawuse, ukude neJerusalema* amastadiyu *angamashumi ayisithupha—amastadiyu ubude.*
>
> *Babekhulumisana omunye nomunye . . . lezizinto ezehlakeleyo.*
>
> *Kwathi, ukuthi, besakhuluma . . . uJesu uqobo wasondela, wahambisana nabo.*
>
> *Kepha amehlo abo abebambekile ukuba bangamazi.*
>
> *Wathi kubo,* Ndaba *zini lezi enikhuluma ngazo omunye nomunye, nihamba, ninyukumele na?*
>
> *Nomunye wabo, nguKleyophase igama lakhe,* waphendula, *wathi kuye, Wena uyisihambi eJerusalema, ungoyedwa ongazazi* zonke lezi*zinto ezenzekileyo . . . ngalezizinsuku na?*
>
> *Wayesethi kubo, Zinto zini na? Bathi kuye, NgoJesu waseNazaretha, obengumprofethi obenamandla ngesenzo nangezwi phambi kukaNkulunkulu nabantu bonke:*
>
> *Ukuthi abapristi abakhulu nababusi . . . bamkhaphela uku . . . ukunqunyelwa ukufa, baze bambethela esiphambanweni.*
>
> *Kepha thina-ke besethemba ukuthi nguye ozakuhlenga uIsrayeli: kodwa phezu kwalokho konke lokhu, sekulusuku lwesithathu lezizinto zenzekile.*
>
> *Yebo, futhi nabesifazane abathile bakithi basethusile, ababeyile ethuneni . . .;*
>
> *. . . kuthe bengasifumani isidumbu sakhe, bafika, bathi, babone nombono wezingelosi, ezithi* kubo . . . *ezithi uyaphila.*

*Nabathile babakithi baya ethuneni, bakufumana kunjalo njengokuba beshilo abesifazane: kodwa yena ba. . .kodwa yena uqobo abambonanga.*

*Wayesethi kubo, O nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukukholwa* (ukuba ningakholwa) *yikho konke abakushilo abaprofethi:*

*UKristu ubengamelwe yini ukuhlupheka ngalokhu, aze. . .*wangena *enkazimulweni yakhe na?*

*Futhi ethathela kuMose nakubaprofethi bonke, wabachasisela. . .mibhalweni yonke okuqondene naye.*

Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kwamaZwi aYo.

17 Manje ngithatha. . .uma ngiyibiza ngendaba, ngingathanda ukuthatha lokhu: Izehlakalo. . .*Izehlakalo Zamanje Zichasiswa Yisiprofetho*. Manje, bekuhlala njalo kungokukaNkulunkulu. . . indlela kaNkulunkulu engaguqukiyo uku phamb-. . .azise abantu baKhe ngaphambili ngaphambi kokuba izehlakalo ezithize zenzeke.

18 Ukuba abantu ngezinsuku zeNkosi uJesu babefune kuphela uNkulunkulu futhi bazi nje ukuthi yini eyayisizokwenzeka, babengeke banqumele uJesu ukufa. Kodwa isizathu okwakuyiso, ngoba imiBhalo yayifanele igcwaliseke, ngoba amaJuda ayefanele aphuphuthekiswe. Sonke siyakuqonda lokho.

19 Niyaqonda yini ukuthi lokho kwethenjisiwe futhi ngawo wona lonyaka esiphila kuwo na? UNyaka weBandla laseLawodikeya, lonyaka webandla wesikhombisa esikuwo manje, uhamba-ze, ulusizi, uphuphuthekile, kanti kawazi. Kuyafana njengoba Abaphuphuthekisa emuva lapho ngenhloso yokwedlulisela uMlayezo waKhe kubantu abakhethiweyo, Wethembisa ukwenza into efanayo namhlanje.

20 Futhi ukuba bengingasho lokhu ezinhloniphweni, nakubo bonke abazalwane bami nodadebethu kuKristu, ngolunye lwalezizinsuku omunye uzothi, "Akulotshiwe yini ukuthi lezizinto zimelwe ukwenzeka kuqala na?"

21 Futhi kuzoba yindlela efanayo okwakuyiyo ngaleyonkathi, "Ngiqinisile, Ngithi kini, usevele ufikile, futhi babenze kuye lokho ababekuhlelile ngaye."

22 Ngenkathi beMbuza, bathi, "Ngani, ababhali bathi, nemiBhalo ithi u—u 'Eliyase umelwe ukufika kuqala.'" Basho lokho kuJesu.

23 Wathi, "Usefikile vele, futhi animazanga." Niyabo? Nalokho mhlampe yindlela okuyophela ngayo futhi.

24 Manje sifuna ukubekwa esikhundleni, ukuba sazi ukuthi yini ezokwenzeka kulonyaka esiphila kuwo. UNkulunkulu wabele iZwi laKhe onyakeni ngamunye, okungaka onyakeni

ngamunye, futhi sifanele siqaphele ukuthi unyaka owodwa ungewelele komunye unyaka. Ngeke nje kusebenze. Isibonelo nje, njengoba ngishilo, ngikholwa ukuthi izolo ebusuku noma . . . Ngikhuluma njalonjalo, ubusuku nobusuku, izindawo, futhi ngesinye isikhathi ngenza ukuphawula okwesibili. Angiqondile ukuziphindaphinda mina. Kodwa ngithi: Bekungaba yini . . . siza ngani kuMose ukuzama ukushumayela umlayezo kaNowa na? Noma kwakuyosiza ngani ukuba kwakukade . . . kwakuyokwenza kuJesu ukuzama ukushumayela umlayezo kaMose na? Noma kwakuyosiza ngani kuMartin Luther ukuqhubeka nomlayezo weKatolika na? Kwakuyosiza ngani kuWesley ukuqhubeka nomlayezo kaLuther na? Kwakuyosiza ngani kumaPentecostal ukuqhubeka nomlayezo weMethodisti na? Noma kuyosiza ngani kwiPhentekoste ukuqhubeka nxa uMlobokazi ebizwa na? Niyabo, siphezulu ngqo esikhathini sembewu, silapha ekupheleni. Manje, uma uhlamvu lukakolo luwela emhlabathini, luhlala lodwa.

25 Njengomgxeki, njengoba ngenze ukuphawula selokhu kuphuma incwadi, cishe ninakho lapha edolobheni lakini—kini, lowomqambi weJalimane owabhala enye yezindatshana ezigxeka kakhulu. Ungumphikinkolo. Kusobala aku . . . angimgxeki ngoba angigxeka kanjalo; kodwa, ngoba, ngokuba ngumphikinkolo, incwadi ibingafanele ibe semashalofini. Futhi wathi, "UNkulunkulu wayengahlela futhi Athi wayenga vula uLwandle oluBomvu futhi akhulule abantu baKhe, bese ebeka izandla zaKhe zivundle esiswini saKhe futhi abone ngale kwemiNyaka yezikhathi zobuMnyama lapho amaKristu edatshulwa eba yizicucu ngamabhubesi; labomama nezinwele zabo zicwiliswa etiyeleni, futhi belengiswa eziphambanweni futhi bashiswa; nengane yakhe . . . omama abakhulelwe, babedabulwa izisu bese begembula ngobulili bomntwana; bese bemisa bekudedela kwenzeke; abantu ababefanele ukuba yizinceku zikaloNkulunkulu."

26 Niyabo, umBhalo ungukuphefumulelwa. Awusoze uwazi umBhalo nje ngokuhlala phansi bese uWufunda ngeso lezesayense yezenkolo, nangeso lezemfundo; akukaze kusebenze.

27 Ngangikhuluma nomfundisi wamaBaptisti kungekudala, wathi, "Size sifunde isiGreki ngokuyikho, size si . . . "

28 Ngathi, "Emkhandlwini waseNayisiya, ngaphambi kwalokho, babephikisana ngamazwi esiGreki aseBhayibhelini." Awusoze waLazi.

29 IBhayibheli lizokwembulwa ngokuphefumulelwa. Yileyonto kuphela, isambulo. UJesu watshela uPetru, "Phezu kwalelidwala." Lelidwala lesambulo lembula ukuthi UnguBani. "Ubusisiwe wena Simoni, ndodana kaJonase, inyama negazi ayikwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini

ukwambulele lokhu; phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi." Hhayi phezu kukaPetru, hhayi phezu kwaKhe, kodwa phezu kwesambulo sokomoya ukuthi Ungubani.

30 Futhi UyiZwi! UJohane oNgcwele 1, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." AmaHeberu 13:8, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

31 Ngakho-ke siphila osukwini lapho ukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu kuzofika onyakeni ohlukile kunonyaka wePhentekoste. Futhi kunjalo. Khumbulani, nizo . . . ngingumuntu ongafundile; kodwa ungeke wayehlula imvelo, ngoba uNkulunkulu usebenza ekuqhubekeni kwemvelo. Njenganje, njengoba ngishilo, ilanga liyaphuma futhi lishone; futhi lihambe emini, futhi njengonyaka wesikole; bese lifa kusihlwa, ukuba libuye livuke ngokusa okulandelayo. Izihlahla zidedela amanzi azo ehle ngesikhathi sasebusika, angene ezimpandeni, bese ebuya entwasahlobo.

32 Qaphelani, WaLifanisa nohlamvu lukakolo, uMlobokazi, isizathu sokuba uNkulunkulu adedela lokho kuhambe kanjalo. Lelo elihle, langempela, iBandla langoqobo elakhiwa ngoSuku lwePhentekoste, lalikhule lakhula selokhu kwaba wuSuku lwePentekoste, laba yibandla elikhulu, lalifanele liwele emhlabeni kulowoNyaka wezikhathi zobuMnyama futhi limbelwe njengoba kwenza zonke izimbewu. Lalifanele life ukuze likwazi ukuvela enguqukweni futhi. Livela kumuntu wenguquko, uMartin Luther. Futhi kusukela lapho, njengesiqu nje sikakolo siphuma. Into yokuqala ephumayo, kunamadlebe amabili amancane, bese-ke ulokhu uqhubeka wengeza amadlebe amaningi. Phezulu kuqhamuka uMartin Luther, kwase-ke kuba uZwingli, futhi kwehle njalo, uCalvin, futhi lapho beqhubekela phambili.

33 Ekugcineni uya entshakazeni. Manje, lowo kwakunguJohn Wesley onyakeni kaWesley. Wawunempova iqathaka.

34 Kusukela lapho kufika unyaka wePhentekoste, usondele kakhulu, njengenhlamvu yangempela nje uma ubuka hlanga. Kodwa uma uzothatha lowokolo bese uwuhluba, akukho neyodwa inhlamvu kuwo nhlobo, yikhoba kuphela o*wakheke* njengenhlamvu. Kodwa ubekelwe inhloso lapho, ukukhoselisa inhlamvu kuze . . . Uma ilanga liwushaya *kanjalo,* liyowubulala.

35 Uzofanele uhlale lapho kuze kube yisikhathi esithize, nakho konke ukuPhila kuyasuka ekhobeni (lapho Kusuka ohlangeni, kusuka empoveni), kusuka ekhobeni bese kuya kukolo, bese kubumba futhi njengoba kwakunjalo nje phansi emhlabathini.

36 Manje, sonke siyazi nxa kunikezwa umlayezo, eminyakeni emithathu babumba inhlangano. Uma benza lokho, kuwubulala khona lapho; kwenza ezinsukwini zikaLuther, kanjalo, kwenza

ngezinsuku zikaWesley, kwenza ngezinsuku zika-Alexander Campbell, nabo bonke abanye, futhi kwenza ngezinsuku zePhentekoste. Impela! Niyabo? Ufika endaweni, ngamunye uba sistashi, futhi bashiyeke, futhi abakwazi ukwemukela isambulo. Sebezinzile; futhi nabaya, futhi bafela lapho. NokuPhila kwedlula ngqo kulokho, bese kuqhubeka ngqo ukwenza ukolo. Bese kuthi uma kufika ukolo, lokho kuPhila okuhambe kwedlula kulowokolo, ukuvuka, kukhipha yonke into; yebo, kwenyukela uHlwitho.

37 Manje, khumbulani, loMlayezo waqala kuqala ngokuphilisa kukaNkulunkulu, wenza izimangaliso. Manje, uma uNkulunkulu wadedela lokho kwedlule ngebandla elijwayelekile, njengoba nje besesivele sinazo, ngaleyonkathi kwakungesuye uNkulunkulu. UNkulunkulu akadingi ukubukisa; Akadingi—Akadingi ukwenza lezizinto, ukusibungaza, njengoba thina maMelika sikuvamile (ukubungaza), kodwa Ukwenzela ukuheha ukunaka kwabantu, ukuthi Ulungiselela ukwenza into ethize.

38 Mbukeni Yena uqobo ngenkathi Efika. "Umprofethi omncane oyisimangaliso, urabi, u, mprofethi waseGalile." Ngani, inkonzo yaKhe yayimangalisa, Wayemukelekile kuwo onke amabandla.

39 Kodwa ngoluny'usuku Wahlala phansi, wathi, "Mina noBaba waMi siMunye."

40 "O, he!" Lokho kwakungaphandle. "Sukani kumfo onjalo!"

41 "Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu, futhi niphuze iGazi laYo, aninakuPhila okukini."

42 "Ngani, uyindlabantu! Dedani kumuntu onjengalowo!" Niyabo?

43 Niyabo, kwakukhona into eyayifanele ilandele lesosibonakaliso. Niyabo, ikhona into eyalandela.

44 Ikhoba lalubamba, kodwa manje ikhoba seliyahosheka; lifanele. Futhi khumbulani, iminyaka engamashumi amathathu isidlule futhi akusekho mahlelo aphumayo kulokhu, futhi ngeke libekhona. Sisekupheleni kwamahlelo, ukolo usuthathe isimo. Kodwa yini indaba ngokolo manje, ningeke . . . ufanele wenekwe eBukhoneni beNdodana, ukuba uvuthwe, ngaphambi kokuba inhlanganisela iwucoshe.

45 Manje, izehlakalo esizibonayo zenzeka, zibonakaliswe ngokoqobo eBhayibhelini, zayo yonke iminyaka. Sicabanga ukuthi sonke siphumile emgudwini, kodwa asiphumile, yonke into ihamba nje ncamashi neZwi likaNkulunkulu.

46 Manje, iBhayibheli liyincwadi ehlukile kunoma yiyiphi enye incwadi engcwele. Ayikho incwadi enjengeBhayibheli, ngoba iBhayibheli linguNkulunkulu esimweni sezwi. Niyabo? Liyi . . . Izwi lingumcabango ozwakalisiwe.

Ukucabanga kukaNkulunkulu kuyaLizwakalisa, amaZwi aKhe ngabaprofethi; futhi baloba iBhayibheli, elisesimweni sezwi. NoJesu waLibiza ngokuthi, "iMbewu." Futhi noma yiyiphi imbewu iyoveza inhlobo yayo uma isesimweni esifanele, isimo sendawo esifanele. Manje, leNcwadi ye. . . iyi. . . LeNcwadi yesiprofetho, I—Isho izehlakalo zenkathi ezayo zingakenzeki. Manje, iNcwadi iqukethe sonke isambulo sikaJesu Kristu. Awenezeli kuYo noma ususe kuYo, futhi zonke izambulo zifanele zifike ngaYo. Niyabo, kufanele kube yiZwi.

47 Ngakho abantu bathi, "Ngaba nesambulo." Yebo, siyazi uJoseph Smith waba nezambulo nezinto, kodwa sasiphambene neZwi.

48 Sifanele size ngokweZwi uma sivela kuNkulunkulu, ngoba sizoqinisekisa noma sifakazise uBukhona bukaNkulunkulu. Futhi Wazazi ngaphambili zonke lezizinto, zi. . . Ngokwaziphambili kwaKhe Wamisela, waziphakade (kubizwa ngokuthi eBhayibhelini, "kwamiselwa ngaphambili") yonke iminyaka endaweni yayo, nawo wonke umuntu endaweni yawo, naso sonke isithunywa endaweni yawo. UnguNkulunkulu, udeveli akaMgubuzeli ngalutho. Futhi UnguNkulunkulu, futhi Umisele zonke izinto ukuba zenzeke, futhi kuhambisana impela nje neZwi laKhe.

49 Ngakho uma singabona, ngeZwi laKhe, ukuthi nyaka muni nokuthi sikhathi sini esiphila kuso, nizokubona khona lapha eBhayibhelini, okwalonyaka, esifanele. . . okufanele kwenzeke ngalesisikhathi.

50 Manje, e—ezinye izincwadi, sithola izinqwaba zezincwadi abazibiza nge "zincwadi ezingcwele," kanjalonjalo. Futhi ngifunde i—iKoran nezinye eziningi. Kodwa, niyabo, izincwadi zabo—zabo ezingcwele kuphela ziyinhlanganisela yamasayense aphathelene nenkambo yokuziphatha, zezimilo, noma zesayense yezenkolo.

51 Kodwa leNcwadi ingumProfethi, Ingeyehlukile kunoma yiyiphi enye incwadi. IBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu lisho ikusasa lingakenzeki. Lisho kungakenzeki ngoba Lixwayisa kungakenzeki.

52 Uma uNkulunkulu ethumela noma yini, Usho futhi wethembisa eBhayibhelini ukuthi Wayengeke enze lutho phezu komhlaba aze kuqala Akwembule ezincekwini zaKhe abaprofethi. Lowo nguAmose 3:7. U. . . futhi uNkulunkulu angeqambe amanga. UyaLembula, leyo bekuyindlela yaKhe yokukwenza kusukela phansi le eminyakeni. Akaze ehluleke ukukwenza.

53 Manje, siyethenjiswa, ngezinsuku zokugcina, ukuba lokhu kubuyiselwe. Akuyikubakho—bakho-bandla, kungabikho-hlelo, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterin, amaPhentekoste, awasoze (ezimweni zabo zesimanje) ake athathe lelibandla

liye kuMlobokazi. Angeke akwenza, ayehluleka. Babambene kakhulu ngemphimbo, nezwe lingena ngesinyelela, kanjalonjalo, futhi—futhi bafela ngqo emikhondweni yabo. Futhi ngakho uNkulunkulu uyakwazi lokho.

54 Nokwembula leliZwi, omunye uthi, "Awu, ngina*lokhu*. Futhi akabusise uNkulunkulu, Kufana na*lokho*." Leyo nje yindlela okwakungayo ngenkathi uJesu efika okokuqala; wonke umuntu waye nemfundiso, wonke umuntu wayena*lokhu*. Kuzofanele kube yinto ethunyelwe kithi ivela kuNkulunkulu. NoNkulunkulu ukwethembisile. Nokuyiyona-ndlela kuphela Ayoyenza, nguku—ngukugcina leyo phethini yaKhe efanayo. Wethembisa ukusithumelela, ngalolusuku lokugcina, ngokukaMalaki 4, umprofethi phezu komhlaba, "Oyophendula izinhliziyo zabantu zibuye, izinhliziyo zabantwana zibuyele ekukholweni kwawobaba babapostoli futhi." Wethembisa lokho eZwini laKhe. ULuka 17 neziningi ezinye izindawo Akwethembisa kuzo, ukuthi U . . . Ayezokwenza ngalezizinsuku zokugcina ukuletha lento eZwini eliqinisekiwe.

55 Niyabo, umuntu angasho noma yini, kodwa ngaphandle uma uNkulunkulu ehumusha leloZwi . . . Niyabo, manje, sinokuhumusha okungokwethu, sithi Kusho *lokhu*. Nale, iMethodisti, isho *lokhu,* iBaptisti isho *lokhu*, iPhentekoste isho *lokhu*, abakaMunye basho *lokhu,* abakaMbili basho *lokhu*. Futhi, o, he, nakho lapho okhona. Kodwa uNkulunkulu akadingi-mhumushi, Ungumhumushi waKhe Yena. Uhumusha iZwi laKhe uQobo ngoKuliqinisekisa onyakeni eLihloselwe wona, unyaka eLinikelwe wona.

56 Asiphili khona onyakeni wePhentekoste, siphila komunye unyaka. Niyabo, asiphili khona onyakeni weMethodisti, siphila komunye unyaka. Siphila phezulu lapha onyakeni woMlobokazi, ukubizelwa ngaphandle kweBandla futhi Lihlanganiswa ndawonye kwenzelwa uHlwitho. Yilowonyaka esiphila kuwo manje. Ngowami umbono oqotho lelo yiQiniso ngempela.

57 NaleNcwadi yincwadi yesiprofetho. Amakholwa aYo ayalwe ukuba aYihloniphe nokuthi aYifunde, futhi amkholwe uMqambi waYo, ngokuba onke amaZwi alotshwe phakathi lapho amele afezeke. Yonke into ethenjisiwe izofanele ifezeke, ngoba InguJesu Kristu onyakeni ngamunye. Onguyena izolo, kwakunguJesu Kristu, wayekuNowa; kwakunguJesu Kristu kuMose, kwakunguJesu Kristu kuDavide, kwakunguJesu Kristu kuJosefa; nguJesu Kristu, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi nguJesu Kristu phakathi kwabantu baKhe namhlanje, enza izinto Athembisa ukuthi Uyozenza kulonyaka. NguJesu Kristu.

58 Kodwa ibandla selibe stashi kakhulu, laya kude kakhulu, njengoba umfowethu washo lapha. Na—namabandla ethu aseba ngendlela efanayo, kuze sibe sithole into ezosinyakazia sibuyele

eZwini. Sazi kanjani ukuthi kuzokwenza na? Kuzofanele kufike ngokwecebo likaNkulunkulu uQobo. Kungeke kwafika ngomuntu-nje, akuzukufika ngosomabhizinisi, kungeke kwafika ngamabandla. UNkulunkulu ulendlalile icebo laKhe.

59 Ngakhuluma lapha eShreveport ngoluny'usuku, ekusakazeni kukazwelonke esizweni sonke, ukuthi, *Ukuzama Ukwenzela uNkulunkulu Inkonzo IngengaNtando kaNkulunkulu.* UDavide wazama ukubuyisa umphongolo kaNkulunkulu endlini. Wayeyinkosi egcotshiwe. Ngani, wa—walulekana nezithunywa zakhe—zakhe, izinduna zakhe zezinkulungwane, namashumi ezinkulungwane, kanjalonjalo. Futhi zonke zathi, "Lelo yiZwi leNkosi." Futhi welulekana nompristi, "Lokho kwakumangalisa." Futhi bonke babephefumulelwe kakhulu, bamemeza, benze zonke izenzo zezenkolo ezazikhona. Futhi ngokoqobo babephambene nentando kaNkulunkulu, ngoba kwakukhona umprofethi ezweni ogama linguNathani futhi akuzange kululekwe ngisho naye ngakho. Niyabo? Futhi sathola ukuthi akusebenzanga nakuba zaziqotho, zizama ukwenzela uNkulunkulu inkonzo.

60 Futhi ungalokhu uqotho njalonjalo; kodwa, size sazi ukuthi senzani, ulwa nje emoyeni. Buyelani eZwini likaNkulunkulu futhi nithole ukulayiniswa, bese niyahamba-ke; khona-ke niyazi. Njenge—nge sosha, alazi ukuthi lenzeni lize lithole iziyalo zokukwenza. Sifanele sibe amasosha angamaKristu, futhi sithole iziyalo ezivela eBhayibhelini zalelihora manje; hhayi isiyalo sayizolo, isiyalo sakuthangi, kodwa isiyalo namhlanje (yiyiphi indlela esihamba ngayo). Thola ihora esiphila kulo.

61 Nalezizehlakalo zesimanje zisheleliswa yithi ngelikhulu ijubane, futhi ngoluny'usuku sizothola ukuthi sizoshiywa emuva singenalutho, futhi sibanjwe, sibekwe uphawu ophawini lwesilo ngaphambi kokuba sikwazi.

62 Manje, nanokubekezela esinakho ukulindela lokhu, ngeziprofetho esithenjisiwe, zonke zifanele zigcwaliseke onyakeni waso. Ngokuba Lisitshela ngaphambili, uMqambi anaso ngaphambi kokuba enze lokhu, futhi silindela ukuMbona ekwenza futhi. Ukuthi sikhathi sini esiphila kuso! Into efana ne—nekhalende; ubuka ekhalendeni ukuba uthole ukuthi suku luni lonyaka eniphila kulo, futhi nibuka eBhayibhelini likaNkulunkulu ukubona ukuthi nyaka muni esiphila kuwo. Asiphili khona onyakeni weMethodisti, unyaka weBaptisti. Siphila onyakeni woMlobokazi, ukubizwa, sibuyisela kuNkulunkulu ngomgudu Athembisa ukukubuyisa kungenwe ngawo. Wethembisa ukukwenza.

63 Kodwa njengoba bekunjalo kuyo yonke iminyaka, abantu bavumela umuntu babeke ukuhumusha okungokwabo kuKho ngesayense yezenkolo, futhi abazukukukholwa ukuqinisekisa kobuNkulunkulu bukaNkulunkulu kwaLo (lokho ngukuthi,

ukuhumusha kukaNkulunkulu); hhayi lokho okushiwo yimi, okushiwo ngomuny'umuntu; kodwa lokho uNkulunkulu akwethembisile nalokho uNkulunkulu akwenzayo, kufakazisa ukuthi nguNkulunkulu enza ukuhumusha kwaKhe uQobo kweZwi laKhe.

64 Banitshela nina maPhentekoste, eminyakeni engamashumi amane-nanhlanu, engamashumi amahlanu edlule. Oyihlo nonyoko, ngenkathi besengamaphentekoste angoqobo, aphuma enhlanganweni futhi ayiqalekisa into futhi aphuma ahamba kuyo. Kwase kuthi njengenja ebuhlanzweni bayo, babuyela ngqo phakathi kuyo futhi. Benze into efanayo eyabulala lelobandla, nabulala abenu uqobo ngento efanayo. Akukho okumelene nabantu phakathi lapho, akukho okumelene nakho, yizinqubo zento yilokho okukwenzayo.

65 Ikhaya, ngi. . .ngiya ekhaya. . .Angikushumayeli lokhu emhlanganweni weny'indoda. Ngizoshumayela *UMkhondo WeNyoka,* futhi ulaleleni uma nithatha amateyipu.

66 Futhi, qaphelani, bageja ukubona ukuqiniswa kweziprofetho zeZwi likaNkulunkulu ligcwaliseka. Uma labobapristi. . .Babekulungise kahle impela nje ngendlela uMesiya ayezofika ngayo, babazi ukuthi kwakuzokwenzekani. A—abaFarisi babenombono wabo, abaSadusi, oHerodi, futhi, o, babenombono wabo. Kodwa Akafiki. . .Ufika ngokuphambene nabo bonke, kodwa impela enaneZwi. UJesu wathi into efanayo yayilapha: "Ukuba beningazi Mina, beniyolazi usuku lwaMi. Ukuba benazi, beniyo. . .Wena uthi, 'Awu, uMose! SinoMose.'" Wathi, "Ngani, ukuba benikholiwe nguMose, beniyongikholwa Mina; ngoba, waloba ngaMi."

67 Kodwa, niyabo, ngenkathi uNkulunkulu wayeqinisa impela Ayekwethembisile, babenakho ohlobweni oluthize lwendlela enesithunzi uJesu ayefanele ukufika ngayo, ne. . .Ngiqonde uMesiya. UMesiya wayefanele eze ngqo eqenjini labo kungenjalo wayengesuye uMesiya. Awu, kungaleyondlela, cishe impela, namhlanje, "Uma ungaboni ngezibuko zami, awubuki nhlobo." Niyabo, futhi leyo yi—leyo yindlela oku—okungayo. Si. . .Lelo yiqiniso. Siyakuzonda ukucabanga lokho, kodwa ngokoqobo kuyiQiniso.

68 KumaHeberu 1:1, uNkulunkulu emandulo waloba iBhayibheli ngendlela yaKhe uQobo ekhethiwe. Akazange aLilobe ngososayense bezenkolo, kanjalo Akahumushi ngososayense bezenkolo. Asikaze sibekhona isikhathi o—ososayense bezenkolo abake baba nokuhunyushwa kweZwi likaNkulunkulu. Ukuhumusha kufika kuphela kumprofethi. Nendlela kuphela esiyoke size siphume ngaso kulenxushunxushu kungokuba uNkulunkulu asithumelele lowomprofethi, impela nje, indlela kuphela okuzokwenziwa ngayo. Kukholiwe, kwabhekisiswa, no—nokugcwaliseka.

69 Niyabo, Alilotshwanga ngumuntu, kodwa Lalotshwa nguNkulunkulu. Alisiyo incwadi yomuntu, Alisiyo incwadi kasayense wezenkolo. LiyiNcwadi kaNkulunkulu, eyiNcwadi yesiprofetho eyalotshwa ngabaprofethi futhi yahunyushwa ngabaprofethi. IBhayibheli lathi, "IZwi leNkosi liza kubaprofethi." Impela!

70 Lokho kwafanekiswa kahle kanjani pho, noma, kwabonakaliswa ngokwenza ngenkathi uJesu wayeza emhlabeni, noJohane wayengumprofethi wangalolosuku, futhi wa—wayeprofetha. Bathi, "O, uqonde ukusho ukuthi uNkulunkulu uzodiliza izinhlangano zethu ezinkulu lapha nazo zonke lezizinto na? Futhi kuzoba nesikhathi, lapho amathempeli ethu—ethu kungeke kusakhonzelwa kuwo na?"

71 Wathi, "Kwakuza isikhathi lapho uNkulunkulu ayezokwenza khona umhlatshelo ngeWundlu likaNkulunkulu, uMuntu." Futhi washo ukuthi—ukuthi wayezoMazi uma Efika. Wayesethi . . . Wayeqiniseke kakhulu ngomlayezo wakhe, wathi, "Umi phakathi kwenu ngqo manje futhi anikwazi." Uphakathi kwenu ngqo futhi anikwazi.

72 Futhi ngoluny'usuku ngenkathi uJesu ephuma, uJohane wabuka phezulu wayesebona lesosibonakaliso phezu kwaKhe, wathi, "Bheka, iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe." Ngawo lowomzuzu uJesu wazi-ke ukuthi Wayengoqinisekisiweyo phambi kwabantu. Manje, WayeyiZwi, besingakungabaza lokho na? IBhayibheli lathi WayeyiZwi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Futhi Nangu, u . . . Nanti iZwi emhlabeni (bukani! ngokuphelele!) uphumela ngqo emanzini eya kumprofethi.

73 Kunjalo, iZwi njalo liza kumprofethi waKhe. Ngakho ngeke saLilindela ukuba lize kosiyazi bezenkolo. Ngeke saLilindela ukuba lize emahlelweni. Lizofanele lize ngomgudu kaNkulunkulu manje Asitshela ngaphambili ngawo, naleyo yiyonandlela kuphela Eliyoza ngayo. Liyozondwa, lidelelwe, linqatshwe. Uma Lifika, Liphoselwa phandle eceleni, nayo yonke into, kodwa uNkulunkulu uyokwenza noma kanjani. Lenqatshwa kuJesu Kristu, lenqatshwa kuJohane, lenqatshwa ngoJeremiya, lenqatshwa ngoMose. Lingaleyondlela njalo. Kodwa uNkulunkulu uqhubeka ngqo ngendlela Ethembisa ukuthi Uyokwenza ngayo. Yebo, mnubuzane, Akehluleki neze ukulenza ngendlela efanayo.

74 Indoda ebone umbono noma yezwa iphimbo laKhe, ayiLiqondanga neze ngakho konke. Ezindabeni zami wayengazi, ngoba nje uyithuluzi likaNkulunkulu. Ngumcabango kaNkulunkulu ozwakaliswe ngezindebe zomuntu; umcabango, kusobala, uyizwi elizwakalisiwe. UNkulunkulu wenza

ukukhetha kwaKhe uQobo ngokukhetha kwaKhe—kwaKhe okumiselwe ngaphambili. Ukwenzile kuyo yonke iminyaka, Wabeka indoda yonyaka ngamunye. Njengenkathi uMose, ngenkathi wayezogcwalisa Akutshela uAbrahama. UMose wazalwa engumntwana omuhle, akukho ayengakwenza angabi ngaleyondlela. Wazalwa ngaleyondlela ngoba wazalelwa leyonhloso.

75 Futhi ngakho sithola ukuthi uNkulunkulu uyakwenza lokho kuyo yonke iminyaka. UNkulunkulu wenza okwaKhe uQobo ukukhetha ngokukhetha kwaKhe uQobo okumiselwe ngaphambili, ukhetha abaprofethi baKhe nezinto okonyaka; ulungisa—lungisa imvelo yakhe, imvelo yomuntu, indlela yomuntu yokushumayela, ukuhlonipha isiphiwo sakhe, nakho konke akwenzayo ngukuhlangabezana nenselelo yalolosuku. UNkulunkulu udala lowomuntu bese emthuma. Futhi umqondo waKhe uQobo, njengoba ngishumayelile izolo ebusuku, siyimbewana yembewana ephuma okhalweni lukaNkulunkulu. Wayazi ukuthi lowomuntu wayeyoba lapho ngalowonyaka, ngaphambi kuze kubekhona umsuka wezinto ezincu, noma ukukhanya, kumbe noma yini enye emhlabeni.

76 Ngokuba wena uyimbewana ephuma okhalweni lukayihlo, futhi wawukuyihlo, nokho uyihlo wayengenanhlanganyelo nawe ngoba u. . . Wawuphakathi lapho, kodwa wawungakwazi naye wayengakwazi, kodwa wena wabonakaliswa ukuze wena u. . . ukuze ahlanganyele nawe. Futhi wena uzalwa ngokusha, uzalwa ngukuPhila okuPhakade. Naleso isona kuphela isimo esisodwa sokuPhila okuPhakade, nalokho ngukuPhila kukaNkulunkulu. *Zoe*, igama lesiGreki "*Zoe*," sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade.

77 Manje-ke uma uyindodana kaNkulunkulu noma indodakazi kaNkulunkulu, wawukuNkulunkulu ngaso sonke isikhathi. Kodwa Wayazi ukuthi mbhede muni nesikhathi owawuzotshalwa ngaso. Ngakho manje wenziwa isidalwa, indodana kaNkulunkulu, indodana ebonakalisiweyo noma indodana kaNkulunkulu ukudibana nenselelo yalelihora ukuqinisekisa okwangeqiniso nophilayo uNkulunkulu walelihora, uMlayezo ophumayo ngalesisikhathi. Kunjalo! Wenziwa lapho ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ukuba kwakunga. . . Ukuba wawungakhethwanga ngaleyondlela, akunandaba ukuthi uzama kangakanani ukuzifanisa naWo, awusoze wakwenza. Ungalithola kanjani igazi kuteniphu libe lingekho igazi phakathi lapho na?

78 Yingalesosizathu ngizama ukusho ke. . . Abantu becabanga ukuthi sasi. . . simpongolozela abesifazane ngezinwele ezimfishane, nabantu bengitshela mayelana nalezozinto, "Uzoyona inkonzo yakho." Ngone inkonzo uNkulunkulu qobo lwaKhe ayigcobayo na? Makube kude! Futhi nxa abantu bezwa iZwi likaNkulunkulu. . . Nxa ingane ikhulelwe esizalweni

sikamama, nxa lelongqamuzana elilodwa lokuphila lingena lapho, elinye ingqamuzana lokuphila lakha phezu kwalelo. Akusilo ingqamuzana elilodwa lomuntu, elilandelayo elenja, nelilandelayo elekati, nelilandelayo lenye into; ngokoqobo, ngokuqonde ngqo, isidalwa esingumuntu. Futhi nxa umuntu ezalwa nguMoya kaNkulunkulu, akajoveli noma yini empilweni yakhe, LiyiZwi likaNkulunkulu elimsulwa liqinisekiselwa lelohora. Uthatha iZwi likaNkulunkulu eligcwele, akafakizivumokholo, lutho olunye kuLo. Limsulwa ngokumsulwa, iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa phakathi kwethu.

79 Bukani eBhayibhelini, niyabona ukuthi kukuphi, nyaka muni esiphila kuwo-ke, nxa nibona lezizinto ezinkulu zibonakaliswa. Nxa uNkulunkulu ethembisa ukukwenza, Ukwenza njalo ekupheleni konyaka nxa ibandla lifika endaweni yokujika, futhi lijika lisuka eZwini libuyele esonweni nakokwezwe. Nesono sezwe. IBhayibheli lathi, "Uma nithanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini."

80 Ngikhuluma izolo ebusuku, bengikhuluma ngo—ngomhlatshelo onikelwe, iWundlu. Lalifanele libe yizinsuku eziyisikhombisa, zimele iminyaka yebandla eyisikhombisa. Kwakufanele kungabikho-mvubelo etholakala phakathi kwabantu, kungabikho-mvubelo izinsuku eziyisikhombisa. Lokho kuchaza ukuthi akukho lutho oluxushwe naLo, Lingelingenamvubelo, njalonjalo. Futhi asifuni zivumokholo, okuvubelayo nezinto ezixutshwe nathi. Asilifuni izwe lixutshwe nathi. Kuzofanele kube yiSinkwa sikaNkulunkulu esingenamvubelo, iZwi likaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu elimsulwa, okungukuthi, "Umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

81 Izinqubo zethu zamahlelo, nemehluko nezinto, kufake imvubelo kithi, na*lokhu* na*lokho* nezwe nefeshini. Futhi, o, sekuze kwafika lapho icishe impela iHollywood isezindaweni zonke. Kuyothi ekugcineni kufike kuyoba njengaseNgilandi, ukubizela ealtare kuyoba ngamahloni. He! Njengoba umfowethu wathi, "Ungayithola kanjani inhlanzi esikebheni na?" Kunjalo.

82 Sifanele sibe neVangeli lishunyayelwa ekugcwaleni kwaLo, namandla kaNkulunkulu ukuqinisekisa lokho ngokwesithembiso salowonyaka futhi efakazisa ukuthi leyo yintando kaNkulunkulu impela. Ngaphandle kwaLokho uyilunga lebandla nje, akunandaba ukuthi uzama kangakanani, uzama ukwenzela uNkulunkulu inkonzo. Ungahle uye ephathini yesitishi-no-kuthunga, ungahle uhlale uthembekile njalo ebandleni; kodwa ize ithi imbewana yokuPhila okuPhakade kwaziwaphakade kuwe, ukuba yindodana nendodakazi kaNkulunkulu, uyokhula ube yinto ekhubazekile; kodwa ungabi neze ngeyangempela, indodana noma indodakazi yeqiniso kaNkulunkulu.

83 Kaningi nginikeza indaba yami yokhozi oluncane. Ukuthi umlimi wasibalela kanjani isikhukhukazi ngesinye isikhathi, futhi wayene. . . ngithemba ukuthi akuzwakalanga njengokuthuka okungcwele kini. Kodwa umlimi wasibalela isikhukhukazi, futhi sasi. . . sishoda ngeqanda elilodwa ekubeni nesibalo. Ngiyangabaza ukuthi ngabe ukhona yini lapha uwaziyo ukuthi kuyini ukubeka isibalo samaqanda okufukanyelwa, ukuthi kuquketheni. Kodwa, empeleni, wayeshoda ngeqanda elilodwa, wayengenawo enele. Ngakho waphanga isidleke sokhozi, lwalunamaqanda amabili. Wayesebeka iqanda phansi kwesikhukhukazi.

84 Ngenkathi lolokhozi seluchanyuselwa phakathi kwawo onke amachwane, lwaluyinyoni exakile. Lwalungakuqondi ukukukuza kwesikhukhukazi, sasingakhulumisi okwalo. . . njengoba lwalufuna ukusizwa sikhuluma. Futhi sasiqhwanda egcekeni lenqolobane, futhi ludla egcekeni lenqolobane, kwakungesikho ukudla kulo. Lwaluyichwane ledada phakathi kwawo. Manje-ke isikhukhukazi sasikukuza futhi lona lwalungakuqondi. Lwaluya ngapha bese ludla *lokhu* futhi ludle *lokho*, lwalungakuqondi. Ngakho ngoluny'usuku umami, noma umama, njalo, kini. Ngi. . . ENingizimu sithi u "Mami."

85 Ngakho, empeleni, lu. . . umama walo—walo—walo wayazi ukuthi wayenamaqanda amabili, futhi linye kuphela lawo elalilapho, wahamba wayofuna elinye. Washaya indingilizi konke. . . wanqamula izwe, futhi ekugcineni wandizela phezu kwegceke lenqolobane. Wayelubonile lapho lulandela lesosikhukhukazi esidala. Wadazuluka, "Junior! Awusiyo inkukhu, uwukhozi!" Lokho kwezwakala kahle nje kulo. Ngani na? Lwalulukhozi kwasekuqaleni.

86 Futhi uma owesilisa noma owesifazane kade ehlezi phansi kwezivumokholo nebandayo, inkolo ngegama, uma emiselwe ukuba yindodana kaNkulunkulu, futhi ebona iZwi likaNkulunkulu lishunyayelwa ngamandla aLo, noNkulunkulu eLiqinisekisa; ulukhozi kwasekuqaleni, uyogijimela kuLo ngokuqinisekile impela njengoba okubili kokubili kune. Akukho angakwenza, ngoba imvelo yakhe impela ithanda iZwi likaNkulunkulu. Angikhathali ukuthi ubani omunye uthini, uma ebona iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa, undizela kuLo ngoba wayelukhozi oluncane.

87 Njengoba beqhubeka ukuba bathi, lwathi, "Mama, ngizokwenyuka kanjani ngisuke lapha na?"

88 Wayesethi, "Gxuma nje, ngizokubamba."

89 Futhi yileyonto kuphela ofanele uyenze, ngukugxuma kanye ngezinyawo zakho, ugxumele kanye kuNkulunkulu, isithembiso esisodwa, "Nkosi Jesu, ngiyaKukholwa ngayo yonke inhliziyo yami. Ngiyawukholwa uMlayezo wehora. NgiyaWubona uqiniswa, futhi ngiyazi ukuthi Uqinisile." Gxuma

ngezinyawo zakho, uMama uzokubamba. Ungakhathazeki, ulukhozi, uyobakhona lapho ukuba akuthole.

90 Manje, siyaqonda ukuthi siphila esikhathini esikhulu kakhulu nesikhathi esikhulu, kodwa uma amaqiniso aleliBhayibheli, amakholwa alibonile lelo liqinisekiswa, khona impela ukuqinisekiswa kwaLo kungubufakazi obubonakalayo ukuthi uNkulunkulu ukuLo. Ngokoqobo! Kungaleyonkathi-ke ukuthi iZwi elithenjisiwe ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu senza saziwe. Imbewu iyaqhuma, futhi bayaLibona futhi bayaLikholwa. Abanye abakwazi nje ukuLibona, ngandlela thize bayohlala futhi baLibuke.

91 Niyazi, ngishumayele kanzima ngokwenele uku—uku. . . lonke lelizwe, ukuthi akufanele kube ngowesifazane onezinwele ezimfishane ezweni. Kodwa, njalo uma ngibuya, sebebaningi. Yin'indaba na? Kukhona okungalungile! Niyazi iZwi liyakusho lokho! Wena uthi, "Awu, lokho akwenzi-mehluko." Kuyawenza umehluko!

92 Kukhona umfowethu okahle, wathi, "Ngizokubeka izandla, Mfowethu Branham. Ngiyakuthanda. Uyayona inkonzo yakho." Wathi, "Awunamsebenzi wokutshela labo besifazane ngalokho." Wathi, "Dedela abelusi bakwenze."

93 Ngathi, "Abakwenzi nokho." Ngathi, "Manje. . . "

94 Wathi, "Awu, akusiwo umsebenzi wakho, ukhulekela abagulayo nje."

95 Ngathi, "Ngumsebenzi kabani, ke na? Ngabizelwa ukushumayela iVangeli."

96 Wathi, "Ngizokubeka izandla futhi ngicele uNkulunkulu akususe kuwe."

97 Ngathi, "Uzodedela—dedela mina ngikubeke izandla, nami." Niyabo? Ngase ngithi, "Ngizokhulekela ukuthi uNkulunkulu uzokuvula amehlo futhi uzoLibona." Ngakho, kunjalo!

98 Wathi, "Ubufanele ushumayele. . .Abantu bakukholwa ukuthi uyinceku, umprofethi kaNkulunkulu." Wathi, "Ubufanele ufundise abesifazane ukuthi zi—zitholwa kanjani iziphiwo nokuprofetha nezinto."

99 Ngathi, "Ngingabafundisa kanjani ongwaqa babe bengekwazi ngisho nokukholwa oABC, kuqala na?" Niyabo? Kunjalo Ngakho ningeke nakwenza. Lokho nje kukuyo yonke. . . Kunjalo. Uma ningenakuzenza izinto ezijwayelekile, nizozenza kanjani izinto zikamoya na? Izinto zemvelo. Impela! Mfowethu, dadewethu, kungahle kuzwakale njengehlaya, kodwa YiVangeli! YiQiniso leVangeli. Kunjalo!

100 Qaphelani, siyathola namhlanje ukuthi abantu. . . Kunabantu abaningi abangeLikholwe nje, ngisho nabantu abagcwaliswe ngoMoya. Ngizoninika okukodwa okuzonibinda. Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele awusho khona ukuthi

niyangena, nhlobo, hhayi kulokho, akuhlangene ngalutho nomphefumulo wakho. Lowo ngumbhaphathizo, niyabo. Nanku umphefumulo ongaphakathi, phakathi *lapha*, lowo uzovela kuNkulunkulu. Kodwa-ke ngaphandle unemizwa emihlanu, nokuhlanu ngaphandle. . . izintuba zokuphuma kowakho. . . uxhumana nekhaya lakho lasemhlabeni. Ingaphakathi, unomoya, futhi phakathi lapho unezintuba zokuphuma ezinhlanu: unembeza wakho, nothando, kanjalonjalo, izintuba ezinhlanu zokuphumela kulowomoya. Khumbulani, kulowomoya ungabhaphathizwa ngoMoya kaNkulunkulu wangoqobo futhi ulahlwe khona kunjalo. Yilowomphefumulo ophilayo, owamiselwa nguNkulunkulu.

101 Akashongo yini uJesu, "Abaningi bayakuza kiMi ngalolosuku, futhi bathi, 'Nkosi, angikhiphanga yini amademoni, ngenze emikhulu, nemisebenzi enamandla, ngaprofetha, iziphiwo ezinkulu zikaNkulunkulu na?" Wathi, "Sukani kiMi, nina enenza ububi, Angizange ngisho anginazi. Abaningi bayakuza ngalolosuku."

102 Akaprofethanga yini uKayafase na? Wayeyidemoni. Siyathola lapho. . . Nalabobapristi, lawo indoda enkulu, yayifanele ukuba abaholi abakhulu ngalezozinsuku, ngokuzithoba nayo yonke enye into, kodwa behluleka ukubona iZwi likaNkulunkulu uqobo lwaLo labonakaliswa phambi kwabo.

103 Besingathatha nje isigejane sabo nginaso sibhalwe phansi lapha. Kuthiwani ngoBalami na? Wayeyi. . . Wena uthi, "UNkulunkulu uguqula umqondo waKhe." Akawuguquli umqondo waKhe!

104 Ngenkathi uBalami ephuma njengomprofethi, futhi wehlela lapho, umbhishobhi, umshumayeli, noma ngabe nifuna ukumbiza ngani, wayengumuntu omkhulu. Kodwa ngenkathi ebuza kuNkulunkulu ngokwehlela lapho futhi eqalekisa uIsrayeli; wayengabathandi kwasekuqaleni nje. Ngakho wacela ukuhamba, UNkulunkulu wathi, "Ungahambi!"

105 Bese-ke bethuma onesithunzi ngokunye. . . mhlawumbe sobhishobhi noma amagosa, noma into ethize, ezansi, bathi, izimfundo eziningi ukumbonisa. Wabuyela emuva wayesebuza uNkulunkulu futhi. Awudingi ukubuza uNkulunkulu okwesibili! Uma uNkulunkulu ekusho kuqala, yiLokho-ke! Awudingi kulinda-lutho.

106 URebeka akalindanga ukuba isiyalo sesibili. Bambuza, bathi, "Uzohamba na?"

107 "Makasho yena."

108 Wathi, "Ngizohamba!" Wayephefumulelwe nguNkulunkulu ngokugxilile. Uba ngomunye wezindlovukazi zeBhayibheli ngokwenza ukushaya komthambo kaMoya kaNkulunkulu

owahamba phezu kwakhe ukwemukela okwakuyiqiniso ngokweqiniso, futhi wakukholwa.

109 Manje siyathola, uBalami, kusobala, wayengaboni. Waphuma wayesebuka phezu kwabantu, wathi, "Manje, umzuzu nje! Thina singabakhulu, abantu abakhulu enhla lapha, nina nisiyisigejane esihlakazekile nje." Niyabo? "Futhi sonke—sonke sikholwa uNkulunkulu ofanayo."

110 Lokho kuqinisile. Bonke babekholwa nguNkulunkulu ofanayo. Bonke bakhonza uJehova ofanayo. Bukani umhlatshelo kaBalami: ama altare ayisikhombisa, inombolo ephelele kaNkulunkulu; amabandla ayisikhombisa, niyabo; izinqama eziyisikhombisa, kukhuluma ngeNkosi ezayo. Ngokuqavile, wayeqave nje njengoba uMose wayeqavile; kodwa, niyabo, kwakungekho ukuqinisekiswa kobuNkulunkulu. Phakathi lapho, bobabili babengabaprofethi.

111 Kodwa phansi kwenkonzo kaMose, kwakukhona iNsika yoMlilo engaphezu kwemvelo, ukuKhanya okwakulenga nekamu. Kwakukhona ukuphilisa kukaNkulunkulu, kwakukhona inhlokomo yeNkosi ekamu, izibonakaliso ezinkulu, ukuphilisa kukaNkulunkulu, nezimanga nezinto zenziwa phakathi kwabo. Kwakuyisibonakaliso sikaNkulunkulu ophilayo phakathi kwabantu baKhe.

112 Ngokuqavile, bobabili babeqinisile. NoBalami wazama ukubonisa abantu, futhi abathakathele kukho. Nini na? Ngaphambi nje kokufika eZweni eliThenjisiwe. Olunye usuku noma ezimbili, babeyobe sebeseZweni eliThenjisiwe.

113 Kodwa manje ngiyesaba . . . Lolu wuphawu olunzima ukulwenza, ngolunye lwalezizinsuku ngiyodutshulwa ngaLo. Kodwa khumbulani lokhu, ukuthi, amabandla athakathwa yiloMkhandlu wenkolo yobukristu, unithatha unifaka ngqo kuwo, ukuba nithi "Niyiqembu elifanayo." Anisilo iqembu elifanayo! Phumani kulezozinto futhi nahlukaniswe! Impela unjalo, Liyiqiniso. Sifanele sidede kulezozinto, kakhulu impela kuyo.

114 UBalami wathi, "Si . . . asidedele abantwana bethu baganane ngoba, empeleni, sikholwa nguNkulunkulu ofanayo."

115 "Bangahamba kanjani ababili bengavumelananga na?" Ungahamba kanjani noNkulunkulu ungavumelananga neZwi laKhe na? Ungazenezela kanjani izivumokholo kanjalojalo emuva, ube umiselwe ukungakwenzi, noma, uyalwe ukuba ungakwenzi na? Ungeke wakwenza. Ayikho indlela yokukwenza, mfowethu, dadewethu. Ungeke wayixubanisa leyonhlama nokungafakiwe inhlama. Amafutha namanzi ngeke kwaxubana. Ubumnyama nokukhanya ngeke kuxubane. UkuKhanya kunamandla kakhulu impela, kukhipha ubumnyama nje.

116 Futhi ngakho singeke sakuxuba ndawonye. Kanjalo ungeke waxubanisa isono sezwe ndawonye. Ungeke waxuba nisa

iBandla nehlelo ndawonye. Ungeke waxubanisa iBandla nesivumokholo ndawonye. Ungeke waxubanisa izwe neVangeli ndawonye. Kungeke kuxubane! "Phumani phakathi kwabo, nizahlukanise," kusho uNkulunkulu, "Ngiyakunamukela kiMi uqobo. Niyakuba ngamadodana namadodakazi aMi, Ngiyakuba nguNkulunkulu kini." Singeke neze sakwenza zize lezizinto zibonakaliswe, neZwi likaNkulunkulu lehora lifakaziswe ukuthi liyiQiniso. Landelani ezinyathelweni.

117 IPhentekoste, yingakho uLuther alahla umlayezo wakhe. Wawulahla kanjalo-ke uWesley umlayezo wakhe. Niyabo, ukuba ibandla likaWesley laliqhubekile, laliyoba ngamaPhentekoste. Ukuba amaLuthela aqhubeka, ayeyoba ngamaMethodisti. Niyabo? Manje uma amaPhentekoste eqhubeka, futhi abe nguMlobokazi. Uma nilenga emuva bese nilokhu nibuyela emuva ezweni njengoba nihamba manje, niyolahlwa! Kuyoba yikhoba kuphela, nohlanga luzoshiswa. Niyakwazi lokho. Uyobuthela ukolo waKhe enqolobaneni. Kodwa amakhoba Uyowashisa ngomlilo ongacimekiyo, nakuba lwalungumthwali. Lwathwala ngempela, kodwa ukuPhila kwasuka kulo masinya lapho nje kuba yikhasi, kwaqhubeka kwaphuma ukwenza enye into ethize kuze kufike emumweni ogcwele.

118 Futhi kanjalo neBandla liyofika ngokuLungisiswa, ukuNgcweliswa, umBhaphathizo kaMoya oNgcwele (ukubuyiselwa kweziphiwo), liqhubeke njalo liyongena emfanekisweni kaKristu obunjiweyo. UKristu unguMyeni, iBandla linguMlobokazi, uMlobokazi uyingxenye yoMyeni. Kuyodingeka kube yiZwi Bandla, hhayi ibandla lehlelo. Liyoba yiZwi Bandla, iZwi elenze laziwa yiZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe.

119 UBalami, wayengawuboni umehluko. Umuntu angeke.

120 UFaro akakwazanga ukuLibona, nakuba Laqinisekiswa phambi kwabo ngqo.

121 UDathani akakwazanga ukuLibona. UDathani uphumela lapho, futhi ubone uMose futhi wazi. Waphumela lapho, wathi, "Nizama ukucabanga ukuthi yini kuphela esigejaneni. Lonke ibandla lingcwele!" UNkulunkulu akazange asebenzane nalokho. Ubefanele azi kangcono kunalokho. Futhi wathi, "Awu, lonke ibandla lingcwele. Uzama ukuzenza . . ." Ukuba besizokusho namhlanje, isisho sasemgwaqeni, "Okuyiyona kuphela imbokojwana ebhishi."

122 NoMose wazi ukuthi uNkulunkulu wayemthume ezansi lapho ngalokho. Wavele wathi nje, "Nkosi . . ." wawela e— endaweni yomnyango uma umnyango wetabernakele.

123 Futhi uNkulunkulu wathi, "Zehlukanise naye." Futhi Wabagwinya bonke.

124 Futhi khumbulani, isono uIsrayeli asenza (ngoBalami ethi, "Bonke bayafana."), lesosono asizange sithethelelwe

uIsrayeli. Futhi bukani, ake ngininike isibalo esethusayo; ezigidini ezimbili ezasuka eGibhithe, ababili babo bangena eZweni eliThenjisiwe. Bonke badla into efanayo, bonke basina eMoyeni, bonke babehlanganyela izinto zonke; kodwa nxa sekufika esikhathini esihlukanisiwe, iZwi lenze ukwehlukanisa. Kunjalo nanamhlanje! IZwi lenze ukwehlukanisa! Nxa sekufika isikhathi, wathi, "Ngani, lapha, si . . . "

125 Kusondele kakhulu, bukani, iBhayibheli lathi, "Ngezinsuku zokugcina imimoya emibili," uMathewu 24:24, "iyosondelana kakhulu, iyodukisa nabaKhethiweyo ukuba kwakunokwenzeka." Lelokhoba libukeka nje lifana impela nokolo, kodwa alisiwo ukolo. Niyabo? Alisiwo ukolo, kodwa libukeka lifana nawo nje impela. Niyabo? Usondele kakhulu, uyodukisa nabaKhethiweyo. Nenza ubuhlelo nase niwela kulelohlelo, bese noma nkwe futhi nife, nokolo waqhubeka ngqo waphumela e . . . Niyabo? Kunjalo impela! Lingumthwali, kodwa alisiwo ukolo.

126 Khumbulani, ukolo uyilokhu uqhubeka nje. Ekuvukeni onke lawomandla kakolo ayonyukela ngqo kukolo, lapho uhamba ukwenza inhloko, ukuba uphumele kulokho kuvuka okukhulu.

Asithethelelwa neze!

127 Ake sime lapha umzuzwana nje. Ngithemba ukuthi anginibindi. Kodwa, bukani, ake nginibuze okuthize. Ake sithathe lokho nje. Sithi, isibonelo nje, lokhu ukubala kuzoba ngokuqinisileyo. Uma isidoda seduna nesikazi sifika, uma nake nazazi izingilazana zokuhlola okusaketshezi noma—noma ukubhastelisa kanjalonjalo kwezinkomo, niyothola ukuthi okuphuma eduneni kukhipha cishe izimbewana eziyisigidi. Nokuphuma esikazini kukhipha amaqanda ayisigidi. Kodwa benazi yini linye kuphela kuwo elinokuzaleka na? Lawomankonyane amancane, kumbe noma ngabe ayini, kulezizigidi zezimbewana, izimbewana eziyisigidi, ziyoba yileyombewana encane eyozisebenzela yona ikhuphukele phakathi kwazo zonke izimbewana bese ziqala ngqo futhi zithole leloqanda elinokuzaleka bese zihuquzela ziyongena kulo, futhi zonke ezinye zazo ziyafa. Enye yazo imiselwe ukuphila, ezinye azimiselwe, nakuba zonke zifana. Eyodwa esigidini!

128 Ukuba-ke bekungaba ngaleyondlela kulobubusuku na? Kunezigidi ezingamakhulu amahlanu, ke sithi kanjalo, ngiyacabanga, amaKristu emhlabeni, cishe lesosibalo, isibalo esikulezondawo nje. Ukuba uhlwitho belungafika kulobubusuku-ke, kwabaphilayo behamba, bekungaba khona kuphela abantu abangamakhulu amahlanu. Awu, kunalowo abaningi abaswelekayo noma ngaluphi usuku, cishe impela, abangakwazi ukubabala. UMlobokazi uyohlwithwa futhi besiyomangala ukuthi kumayelana nani konke; nabantu beqhubeka ngqo beshumayela, bethi ba "thola *lokhu*,

noma *lokho*, no*kunye*," futhi bukani ukuthi kudukisa kuni obekungaba yikho. Sithi uma bekungaba yilokho; angisho ukuthi yikho, angazi, angisilo igunya lalokho. UNkulunkulu unguMahluleli walokho. Kodwa bukani ukuthi bekungenzeka kalula kanjani, kuzo zonke izibalo nezinto, ukuthi bekungafakaziswa kanjani.

129 UKora akakubonanga ngani Lokho na? UDathani akakubonanga ngani Lokho na?

130 Kwakungani uAhabi engakubonanga loKho na? Ngenkathi uAhabi . . . Ngenkathi uJehoshafati ehlela kuAhabi, wathi, "Ahabi, sisenkathazweni. Uyazi yini ukuthi uNkulunkulu wasinika lelizwe, uJoshuwa walehlukanisa na? Uyasazi lesisiqephu somhlabathi enhla lapha amaSiriya asithathile, lowo akusiwo yini umhlabathi wethu na?"

"Yebo!"

131 "Abantwana bethu balambile, namaSiriya (izitha sethu) ondla abantwana bawo, egcwalisa izisu zawo ngokolo obufanele ube ngowethu." Lokho ngokombhalo kuqinisile. Wathi, "Ungangisiza ukuba ngenyukele lapho bese ngilithatha lelo na?"

132 Manje, ngezinye zikhathi indoda elungileyo iphansi kokuthonya kokubi iyozinikela. Kungcono nibhekisise, bandla, bhekisisani ngokusondele ngempela.

133 Manje, into yokuqala niyazi, uJehoshafati, eyindoda enkulu yezenkolo, wathi, "Awu, sifanele senyuke, impela, ebandleni lethu, sonke singabantu abafanayo." Kodwa babengesibo abantu abafanayo! Qhabo! Wathi, "Awu, ibandla lethu liyibandla lakho, abantu bethu bangabantu bakho. Impela, sizohamba," wathi, "kodwa asibuze eNkosini kuqala."

134 Ngakho wathi, O Ahabi, "Akungabazeki, besifanele sicabange ngalokho. Awu, sizo . . . "

135 "Ngabe ukhona umprofethi weNkosi na?"

136 Wathi, "Nginekholiji ligcwele bona. Nginamakhulu amane ezansi lapha, abedlula wonke okhona. Bonke bano Ph.D., L.L.D., babo abaphindwe kabili o L.D.'s, nayo yonke enye into ehambisana. Bonke aba . . . " Manje khumbulani, babengabaprofethi bama*Heberu*, bevela esikoleni sabaprofethi.

137 Wathi, "Benyuseni, asibezwe."

138 Manje, ngikholwa ukuthi kwakunguZedekiya (inhloko enkulu phezu kombhishobhi, bonke) benyukela lapho, futhi wayenokuphefumulelwa. Wayenokuphefumulelwa, uqobo. Wenyukela lapho, wayesezenzela izimpondo zensimbi ezinkulu ezimbili. Wathi, "Uyazi, ISHO KANJE INKOSI, 'Uzothatha lezizimpondo bese uqhubukusha amaSiriya ayothi ngqu aphume ezweni.'"

139 Awu, bonke abanye babo baprofetha, "Lokho kulunge impela!" Bonke, lonke ikholiji, ngokuvumelana. Niyabo?

140 UAhabi wathi, "Niyabo?"

141 UJehoshafati, ewuhlobo lowokomoya, niyazi, wayengakomi nkwe ngakho konke, wathi, "Kodwa akekho nje omunye ndawondawo, ebesingelulekana naye na?"

142 "Yini ofuna ukuyilulekana nabanye, ube wonke uMkhandlu wenkolo yobukristu (wonke umkhandlu), uthi 'Konke kulungile'?" (Ngiyaxolisa, niyabo.) "Yonke into yathi, 'Yilokho ebesifanele sikwenze.'" Niyabo? "Yilokho esifanele sikwenze."

143 Wathi, "Kodwa akekho yini nje omunye ndawondawo na?" Lowo oyinqaba, niyazi.

144 Wathi, "Yebo, ukhona. Ukhona oyedwa, uMikaya indodana kaImla, kodwa ngiyamzonda." Njalo leyondlela. "Ngiyamzonda ngoba njalo nje uklabalasela abantu bethu, futhi engiqalekisa, futhi engitshela bonke ububi ngami. Ngiyayizonda indoda!"

145 Wathi, "A, inkosi mayingasho njalo." Wathi, "Hamba umlande."

146 Ngakho wawelela lapho endodaneni kaImla, abanye baba—bababhishobhi, noma, abanye bamalunga amadala, wayesewelela lapho, wathi, "Manje, lalelani, nifuna ukubuyela enhlanganweni futhi na? Usho into efanayo nabayishoyo, bakubuyisela emuva."

147 Kodwa kwenzeka ukuba uNkulunkulu wayenendoda ababengenakubeka izandla zabo phezu kwayo; uNkulunkulu wayenezandla zaKhe phezu kwayo. Wayengumbonakalisi nje weQiniso likaNkulunkulu. Wathi, "Impela," wathi, "Ngizokwehla, kodwa ngizosho kuphela lokho uNkulunkulu akufaka emlonyeni wami." Nanso indoda kaNkulunkulu. Wathi, "Nginikeni ubusuku." Ngakho ubusuku buyafika, neNkosi yakhuluma kumprofethi, omncane ongelutho. Nento yokuqala niyazi, uyaphuma ngokusa okulandelayo.

Wathi, "Kuthiwani ngakho, Imla na?"

148 Wathi, "Yenyuka," wathi, "kodwa ngibone uIsrayeli ehlakazekile njengezimvu egqumeni, zingenamelusi."

149 Wathi, "Ngitheni kuwe! Ngitheni kuwe ngakho!" Wayesethi . . .

150 Umbhishobhi omkhulu wayesenyuka-ke wasemmukula emlonyeni, wathi, "Wayangaphi uMoya kaNkulunkulu na? Isizathu ngiyazi benginoMoya; ngisinile kuWo, ngenze zonke lezizinto. Niyabo, bengi—nginoMoya phezu kwami. Uye ngaPhi na?"

151 Manje, niyabo, uImla eyindodana kaNkulunkulu, noma umprofethi wangempela kaNkulunkulu, wahlola umbono wakhe ngeZwi. Uma wawungekanye neZwi, awulungile. Niyabo?

IZwi lalelohora, niyabo. Manje, washo ngokombhalo, izwe lalingelakubo, izwe lalingelabo. Ngokombhalo, yonke into yayibonakala ilungile kuphela into eyodwa.

152 Khumbulani, kwakuyiZwi elilodwa elabangela yonke imfucumfucu ukuba ifike, uEva walikholwa ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu elilodwa; ekuqaleni kweBhayibheli, iZwi elilodwa labangela inkathazo. UJesu, ufika maphakathi neBhayibheli, wathi, "Umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Ekugcineni kweBhayibheli, wathi, "Oyothatha elilodwa IZwi alikhiphe noma enezele izwi elilodwa kuLo."

153 Akusiyo ingxenye yeVangeli . . . AmaMethodisti anengxenye, amaBaptisti, amaPresbyterian, kanjalonjalo, ayenengxenye yaLo, iKatolika lalinengxenye yaLo, uFakazi kaJehova, bonke abanye babo.

154 Kodwa YiZwi lonke, lonke iZwi, iZwi lehora; elisemqoka. Futhi asisoze sakwenza uNkulunkulu aze agcobe umprofethi ongama futhi aLisho, futhi aliqiniSekise, futhi aLifakazise ukuthi Liqinisile. Liyonyelela ngqo ledlule kubantu, futhi abasoze baLazi, njengoba nje bekuhlale kunjalo.

155 Wena Katolika, njengoJoan waseArc, wamshisela esigxotsheni ngokuba ngumthakathikazi; kamuva wamba leyomizimba yabapristi, eminyakeni engamakhulu amabili kamuva, wase ubaphosa emfuleni. Naningamazi uPatrick oNgcwele nabo bonke abanye babo.

156 Kuzokwedlula ngqo ezandleni zenu futhi, into yokuqala niyazi. UNkulunkulu uzokwenza, futhi anisoze nakwazi ngisho nokuthi sekwenziwe. Niyabo, Uvele nje athi nyelele edlule ngqo bese ethola uMlobokazi waKhe bese eMenyusa ngqo, bese emthatha Ngokunyonyoba, aphume ngqo phakathi kwabantu.

157 Siyathola, loMikaya omncane wathi wahlola, wayazi ukuthi uNkulunkulu, wayeshilo kumprofethi wangempela ngaphambi kwakhe. Umprofethi ngaphambi kwakhe, wathini na? Washo lokhu, wathi, "Ahabi, ngoba wachitha olungileyo, noma igazi lolungileyo uNaboti, izinja ziyoxhapha igazi lakho futhi, noJezabeli." Futhi lokho kunjalo impela nje, kwakufanele kufezeke ngoba uNkulunkulu wayekushilo. Wayengakuprofetha kanjani lowomprofethi okuhle kube kwakungokubi kumelene nakho na?

158 Ngingawutshela kanjani loNyaka weBandla laseLawodikeya izinto ezinhle kanti uNkulunkulu wakhuluma wamelana nawo na? Ungohamba-ze, nolusizi! Uthi, "Ngicebile, nginangcono . . . Nginamabandla njengeMethodisti, namaBaptisti, namaPresbyterian. Ngina*lokhu,* ngina*lokho;* okwedlula konke *lokhu, lokho,* no*kunye*." Kunjalo, kodwa kawazi ukuthi uhamba-ze, uphuphuthekile, owokuhawukelwa, entweni yangempela uNkulunkulu ayibonakalisayo. Liyohamba

kahle, ngqo kuni, kanjalo nje. Niyabo? Kholwani, bantu, ngaphambi kokuba kube leyithi kakhulu.

159 Manje, sithola ukuthi wamshaya emlonyeni, wayesethi, "Wayangaphi uMoya kaNkulunkulu . . . ?"

160 UMikaya wathi, "Ngibone uNkulunkulu ehlezi esiHlalweni sobukhosi. Futhi konke . . . Wabiza izithunywa zaseZulwini, wathi, 'Ubani esingamthola ukuba ehle futhi adukise uAhabi na?'" Wathi, "Nomunye umoya wamanga uyenyuka wase uwa phambi kukaNkulunkulu; umqambimanga." Futhi khumbulani, lowomoya wamanga wangena kulabobaprofethi, babefanele bazi-ke ukuthi umoya owawuphezu kwabo wawungahambisani neZwi. Kodwa babethatheke kakhulu ngoba babengabaprofethi benkosi, ngoba babenayo yonke into ihamba kahle.

161 Futhi yilokho okwenziwe yibandla namhlanje. Nidedile kulesosehlakalo esiyifeshini endala enaninaso eminyakeni eyedlula ngenkathi nima ekhoneni lomgwaqo futhi nishumayela iVangeli. Phumani kulezozinhlangano bese uzibiza "ngabantu abakhululekile!" Cha! ngoba nazisonga kukho futhi, njengengulube ekuzibhixeni kwayo noma inja ebuhlanzweni bayo. Uma kwayenza ihlanze okokuqala, kuyoyenza ihlanze futhi. Kunjalo! UNkulunkulu wanihlanza wanikhipha emlonyeni waKhe, Wathi, "Nisivivi, kanishisi noma nibande"; ninemihlangano embalwa, bese nidlala ambalwa abashayi, bezinsimbi, bacula kancanyana, kanti, ngokoqobo ku . . . sekuze impela kuba yihlazo ebuKristwini.

162 Indodana yami yangibiza ngale ngoluny'usuku ukuba ngibuke itelevishini, kusengathi inyoni eculayo lapho abantu beza. Lesosigejane sabakaRicky abancane bemi lapho, bezibinyabinya njengalomdanso wokuzibinya, futhi becula lawomahubo, kuyihlazo kuJesu Kristu! Asisekho isizotha ebandleni nhlobo. Kubonakala sengathi konke sekuba yinto engumdanso wokuzibinya, nombukiso wefeshini, esikhundleni seBandla eliphilayo likaNkulunkulu ophilayo lapho khona uJesu Kristu Engazibonakalisa ngamandla. Kubukeka kumina, kukhona okungalungile ndawondawo. Niyashelela. NeBhayibheli lathi kuyoba ngaleyondlela. Niyabo? Bukani ukuthi nikuphi. Qaphelani, phaphamani ngaphambi kokuba kube leyithi kakhulu.

163 Manje siyathola, Wathi, "Ubani esingamthola phandle lapho futhi adukise uAhabi, ukumthola aye enhla lapho ukuba agcwalise lawomazwi omprofethi na?" Niyabo, uma umprofethi asho iZwi, kodlula amazulu nomhlaba kodwa Lingeke lehluleka. Lizofanele lifezeke. Ngakho yilokho-ke, kwakufanele kwenzeke.

164 Wathi, "Fakani lendoda etilongweni elingaphakathi, niyiphe isinkwa sosizi namanzi osizi. Uma sengibuya ngokuthokoza, ngizobhekana nayo."

165 UMikaya wama lapho egxilile, azi ukuthi wayenoMoya kaNkulunkulu. Isiprofetho, sakhe nemibono kwakuqinisile. UMlayezo wakhe wawuqinisile, ngoba Wawungu ISHO KANJE INKOSI uvela emibonweni, ISHO KANJE INKOSI uvela eZwini. Wawufanele ube ngoqinisile, wawungu ISHO KANJE INKOSI. Wathi, "Uma ubuya nokubuya, uNkulunkulu kobe akazange akhulume kimi." Futhi niyazi ukuthi kwenzekani, impela. Niyabo, ni . . .

166 Qonda, mfowethu. Lalela.

167 Impela, uKayafase, akakwazanga ukuLibona. Kungani abuka phansi . . .? Wayengu—wayengumbhishobhi, wayenguphapha wawo onke amabandla ndawonye. Kungani leyondoda ingakwazanga ukubona uJesu emi lapho na? Kungani ingaqondanga na? Ngenkathi babecula iHubo 23, iHubo 22, njalo, ebandleni, futhi, "Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?" futhi nangu Elenga esiphambanweni. Yona impela imiBhalo, yena impela uNkulunkulu ababemkhonza, babeMlahla ngecala futhi beMbulalela ukuthi uwu "hlanya." Nakho.

168 Bekunganethusa uma benginganitshela ukuthi lokho sekuthi nje akuphinde futhi. IBhayibheli lathi Wayengaphandle ezama ukungqongqotha ukuba angene, futhi akukho-muntu owayengaMngenisa, "eNgimthandayo Ngiyamlaya futhi Ngimsole, Ngimthethise, Ngiyamwohloza, kodwa yingoba Ngiyamthanda. Vula nje futhi uNgingenise." Ya. Kwakungena . . . "Khumbulani, Ngangingafuni ukungena ebandleni, yi*lowo*, umuntu ngamunye." Akakwazanga ukungena ebandleni, laliMkhiyele ngaphandle. Kuphela . . . manje-ke, inhlangano kuphela yazo zonke, yilonyaka webandla, ukuthi Wayengaphandle kwebandla. Wakhishelwa ngaphandle! Waliwa! Wenqatshwa! Ngoba . . . Wabonakaliswa kuphela okwesikhashana kwamanye amabandla, esimweni sokulungisiswa, kanjalonjalo; kodwa phakathi lapha, unyaka ozayo manje, ngukubonakaliswa okugcwele kokuqinisekiswa kukaJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade. O, ngizovuma ukuthi sinenqwaba yabazifanisa nomuny'umuntu, kodwa hlola owokuqala, owasekuqaleni.

169 UMose wehla enemiyalo kaNkulunkulu, ukukhulula uIsrayeli; futhi ngenkathi ekwenza, wenza izimangaliso ezithile. Abazifanisa nomunye umuntu bamlandela. Ukuba babekade besekuqaleni, wayeyoba ngozifanisa nomunye umuntu. Niyabo, wayeneZwi leNkosi, neNkosi yaqinisekisa; wahlala nje wathula du.

170 Futhi, niyazi, leyonto efanayo ithenjisiwe ngezinsuku zokugcina? "NjengoJambre noJane bamelana noMose, kanjalo nalawa madoda engqondo yokunganaki mayelana neQiniso." Nxa inhlangano igcina i . . . yehlisela indoda

ngqo ngaleyonhlangano, kwakhombisa ukuthi akuvelanga kuNkulunkulu; ngoba, uNkulunkulu wenza lezozinto ukuheha umqondo wabantu, bese kuthi-ke uMlayezo ulandela yona. Uma ungalandeli, khona-ke akusuye uNkulunkulu. Akusuye uNkulunkulu! UNkulunkulu njalo wenza lokho.

171 UJuda akakwazanga ukuWuqonda. Wahamba naYe ngqo, akaWubonanga.

172 Kodwa owangempela, ogcotshwe nguNkulunkulu, leyombewana yangempela esokhalweni, imbewana yangempela, umphefumulo kaNkulunkulu lowo owawuku Nkulunkulu ngaphambi kokusekelwa kwezwe; khumbulani, nina ngempela eninoMoya kaNkulunkulu kini kulobubusuku, nanilapha kuKristu ngoba Wayengukugcwala kweZwi. Wayengukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe. Niyakukholwa lokho na? Bukani, WayekuKristu. Manje-ke uma nanikuNkulunkulu, imbewana esokhalweni, izwi, ingxenye engehlukaniseki kusukela ekuqaleni, nase-ke nihamba naYe lapha emhlabeni, nakhuluma naYe emhlabeni, nahlupheka naYe emhlabeni, nafa naYe eKalvari, nase nabuye navuka naYe futhi; futhi manje nihlezi ezindaweni zasezulwini kuKristu Jesu, nixoxisana naYe (iZwi) njengoba Londla umphefumulo wenu, ukuthi, "Umuntu uyakuphila ngeZwi njalonjalo eliphumayo."

173 Manje izwi leMethodisti, izwi leBaptisti; khumbulani, uma kwakukhona okusele emhlatshelweni, kufanele kushiswe ngaphambi kwasekuseni, ngoba kusasa sekungomunye unyaka webandla. Kunjalo na? UEksodusi, Liqinisile. Isifanekiso, umfanekiso woMhlatshelo.

174 UMnyango. Wathi, "Ngizokwenza indawo eyodwa. Ninga . . . AniyikuNgikhonza kuyo yonke iminyango eNginikike yona; kodwa munye uMnyango, futhi kulowoMnyango Ngiyakubeka iGama laMi." Futhi lapho iNkosi yabeka khona iGama laYo, yileyondawo uNkulunkulu ayokwemukela khona umhlatshelo wakho. Senze zonke izinhlobo zeminyango, kodwa uNkulunkulu wenza uMnyango. UNkulunkulu wenza uMnyango, nalowoMnyango wawu . . . uJohane oNgcwele Isahluko 10, uJesu wathi, "NgiyilowoMnyango."

175 UNkulunkulu wafaka iGama laKhe kuJesu. Niyakukholwa lokho na? WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Yonke indodana iza ngegama likayise. Wathi, "Ngize ngeGama likaBaba waMi, aniNgamukeli." Mina ngiza ngegama likababa wami, uza ngegama likayihlo. UJesu uza ngeGama likaYise, ngakho iGama likaYise nguJesu; impela, ngoba Weza ngeGama likaYise.

176 "Futhi aniNgamukeli. Omunye uyofika, futhi yena niyakumamukela." Niyothatha amahlelo enu futhi nihambe nawo. Qhubekani nje, iBhayibheli lathi, "Bavuselwa ukugcwalisa lendawo. Baphuphuthekile, bahamba-ze, kanti

kabakwazi.” Ibandla, inkolo, o, bakhuthazela impela ekukhonzeni, ngokufanayo impela nje njengoba uKayini wayenjalo; wenza umhlatshelo, wenza yonke into ngokufanayo nje njengoba kwenza uAbela. Kodwa ngesambulo kwembulwa kuye ukuthi laliyini isakramente, hhayi izithelo zasensimini nento ethize ephathelene nesandla sakho.

177 Ikholwa lingalibona iZwi lenziwe inyama; abanye bangeke bakwenza.

178 Onke lawomaIsrayeli, emva kokuba esebone uMose enza lokho ase ebenyusela ngqo emkhandlwini omkhulu, lapho owawuzobanjelwa khona, bonke bathi, “Sizohamba noBalami, ngoba sicabanga ukuthi uDkt. Balami uqinisile. Usmati kakhulu, ufunde kakhulu, yonk’into, ngakho sizokuthatha nje.”

179 NoNkulunkulu akazange abathethelele, Wababhubhisa khona lapho ehlane. NoJesu wathi, qobo lwaKhe, “Abasoze beza, akukho namunye wabo osindisiwe.” UJesu wathi . . .

180 Bathi, “Obaba bethu badla imana ehlane iminyaka engashumi amane.”

181 Wathi, “Bonke bafile, ukwehlukana Phakade noNkulunkulu. Bonke bafile.” Impela! Ngoba balalela ukweduka. Ngenkathi uMose, oqinisekiswe nguNkulunkulu, nomholi ukubabonisa indlela eya ezweni elithenjisiwe, futhi babehambe baze bafika lapha kahle, kodwa manje-ke babengahambisani naye.

182 Manje, amakholwa angaLibona, kodwa amakholwa angekubone Lokho kuqinisekiswa.

183 Bukani ukuthi uKayafase wayekhuthalele kanjani ukukhonza. Bukani ukuthi bonke labobapristi ukuthi babekhuthalele kanjani ukukhonza. Futhi uJesu waphenduka, wayesethi, “Nina ningabakayihlo udeveli, futhi niyokwenza imisebenzi yakhe.”

184 Kodwa kwakukhona amakholwa ambalwa ehlezi lapho. Nicabanga ukuthi labobapristi babeqonda ngenkathi uJesu ethi, “Mina noBaba waMi simunye na”? BabengenakuLichaza. Ngenkathi Ethi, “Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu, niphuze iGazi laYo, aninakuPhila.” BabengaLichaza na? Qhabo. Kodwa baLikholwa, ngoba bambonile uNkulunkulu eqinisekiswa futhi enziwa inyama.

185 UJesu wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona ningaNgikholwa. Kepha uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, iZwi elibikezelwe Mina ukuba ngilenze, khona-ke ni . . . Uma ningenakuNgikholwa, kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo, ukuze nisindiswe.” Niyabo? UJesu wathi, “Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi. Ziyalazi iZwi laMi, ziyaLibona uma Liqinisekiselwa lowonyaka.”

186 "Awu, uKayafase wayelazi iZwi naye!" Kodwa hhayi iZwi la*lowo*nyaka. Wayenezwi lalokho abaFarisi ababekushumeke kuye, kodwa hhayi iZwi eliqinisekiwe lalelohora.

187 "Ziyalazi iPhimbo laMi, ziyasazi isibonakaliso saMi, ziyasazi isimanga saMi." Kanjani manje, uku . . .

188 O, asibuyele engqikithini yethu, ngoba sizogeja inqwaba nje yalomBhalo uma singakwenzi, ngoba ngifanele ngivale emizuzwini embalwa elandelayo empeleni, ngoba sekuzoba ngeleshumi nqo emizuzwini embalwa. NgiyaMthanda.

189 Bangani, ninabantu enehle ngalesosikhala sezihlalo nase nibeka lowomnikelo phakathi lapho esikhashaneni esedlule; abantu abondla abantwana bami, babembesa izingubo emhlane wabo; abantu enibeke imali yenu (eniyiholile) epuletini lomnikelo, niyazi ukuthi lokho kuyaphi na? Lokho kungisiza ukuba ngiye phesheya kwezilwandle kubahedeni ongakaze ezwe noma yini ngoNkulunkulu. Ngenza lokho-ke ngawo, wonke upeni, uNkulunkulu unguMahluleli wami. Nakhu okunye kwami . . . indoda ihlezi khona lapha manje ese—esemnyangweni wezimali zebandla lami. Ngithola amadola ayikhulu ngeviki, futhi yilokho kuphela; esele yayo iya ekuxhaseni imihlangano yaphesheya kwezilwandle lapho bengenakuza khona.

190 Amabandla angeke abe nami. Awangifuni. Qhabo. Kunjalo! Asengibiza ngokuthi manje: "Uyi . . . " Bathi, "Ungu 'Jesu Yedwa,' noma uyinto efana naleyo, noma okholwa okuphambene nokukholwa okujwayelekile, uhlanya, nakho konke kanjalo, u—uJezebele." Futhi ngi—ngibheke lokho, babiza iNkosi yami ngo, "Jezebele," futhi baMbiza . . . hhayi ngoJezebele, kodwa u "Belzabule." BaMbiza ngawo onke lawomagama amabi. "Uma babiza iNkosi yendlu ngo, 'Belzabule,' kuyoba njani-ke uma bebiza labo babafundi baKhe na?" Ngakho lokho akwenzi-mehluko.

191 Futhi wena uqobo lwakho, ngosizo lukaNkulunkulu, ucabanga ukuthi bengingama lapha, umzenzisi omkhulu, futhi nginitshela into . . . ? Noma, bengingafola emgqeni ngqo nento uma ngicabange ukuthi ibivela kuNkulunkulu na?

192 Kodwa uma nginithanda futhi ngazi ukuthi yini iQiniso . . . Senake nangizwa ngisho noma yini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho okufezekayo na? Qhabo. Ngibuza noma ubani. Kunezinkulungwane zezinto ezashiwoyo, zonke ziyafezeka. Khumbulani lesosikhathi ngenkathi uSamuweli ebizelwa ngaphandle, ngikholwa ukuthi kwakunguye, futhi wathi . . . ? UIsrayeli babefuna ukuzenza bafane nazo zonke ezinye izizwe. Futhi yilokho nina maPhentekoste eniza kukho. Nifuna ukuziphathisa okwabo bonke abanye abantu. Anisibo lolohlobo lwabantu. Dedani kukho. Amabandla amakhulu nezinto ezinhle ezinkulu, O mfowethu, ungakwenzi lokho. Sishumayela ukufika kweNkosi sekuseduzane, asingene

emasimini ezansi lapho bese sazisa abahedeni. Niyabo, senze okuthize ngakho.

193 Kodwa, niyabo, uSamuweli wathi, "Sengake nakanye ngathatha noma yiyiphi yemali yenu kini ukuba ngizondle na?"

194 Bathi, "Qhabo, Samuweli, awukaze ukwenze lokho."

195 Wathi, "Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho okufezekayo na?"

196 "O, kunjalo, Samuweli. Sikholwa ukuthi ungumprofethi othunywe evela kuNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Yonke into owayisho iyafezeka, Samuweli. Kodwa siyakufuna noma kanjani." Niyabona ukuthi kwenzekani. O mfowethu, umBhalo ulokhu Uphinda uziphinda nje emuva naphambili ngomBhalo, ngoba yindlela kaNkulunkulu yokukwenza, niyabo. Niyabo, nitheleka kulezi uhlobo lwezikhathi.

197 Asingene endikimbeni yethu ngokushesha impela. Manje, kade ngithi sonke lesisikhathi, bengingakafiki endikimbeni yami.

198 Kusenhliziyweni yami! Ngiyanithanda! Ningabhubhi nezwe! Uma ningabezwe, niyobhubha kanye nezwe. Uma ningabakaNkulunkulu, niyohamba naYe ekuvukeni. Ngakho shintshani imvelo yenu kulobubusuku nisuka othandweni lwezwe nezinto zezwe, nazo zonke lezizivumokholo nezinto, bese nibuka ngqo eKalvari eMhlatshelweni wenu; hlanganani naYe lapho kulezozinkundla, ngoba yileyondawo kuphela Ayoze ahlangabezane nawe khona. U . . .

199 AmaMethodisti ithi, "Lisebandleni lethu"; amaBaptisti ithi, namaPhentekoste, na*lokhu*, namaPresbyterian, na*lokhu*.

200 Kodwa Wathi, "Ngiyohlangana nabo endaweni eyodwa, iNdawo eNgibeke kuyo iGama laMi." Lokho kukuJesu Kristu. Yilapho uNkulunkulu abeke khona iGama laKhe. Yileyondawo kuphela Ayohlangana nawe kuyo; futhi nguKristu, yiZwi, onguyena izolo . . . Likhule lisuka ezinyaweni, amathanga. Futhi manje selisenhlokweni, lilungela ukuhamba; libonakalisa isilinganiso esigcwele uMlobokazi, ofanayo njengoMyeni.

201 Manje asiye endikimbeni yethu, ngokushesha impela, cishe imizuzu eyishumi, sizobe-ke sesivala. Manje indikimba yethu, kulapho sonke esifuna khona ukuzindla. Ngukuthi kwakwenzekile futhi, njengendikimba yethu, njengoba bekuvame ukwenzeka.

202 UNkulunkulu Wathuma umprofethi wakhe njengoba E . . . IZwi lalethembise ngoMalaki 3, "Isithunywa eNgiyakusithuma phambi kobuso baMi ukwandulela ukufika kwaKhe."

203 Manje uma nifuna ukuqinisekisa lokho, ukukufakazisa; uMathewu, isahluko 11, siqinisekisa okufanayo. Ngenkathi abafundi bakaJohane beza nganeno futhi bambona uJesu, bathi,

"UJohane usetilongweni." Bathi, "Size ukuzoKubuza ukuthi ngabe u . . . "

204 Iso likaJohane lokhozi lase limthuqu. Futhi wayesetilongweni, wayeselungela ukufa; wathi, "Hambani niMbuze."

205 Niyabo, uJohane wathi, "O, imbenge yaKhe isesandleni saKhe, Uzakushanelisisa isibuya saKhe." Wayecabanga ukuthi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane sasizoqala ngayo leyonkathi, wayecabanga ukuthi uhlamvu lwase lulungele. Kodwa lwalufanele lufe futhi lungene ohlangeni, lumile futhi ukuba lwenze uMlobokazi weqiniso. Ngakho wathi, "Uyobuthela ukolo waKhe enqolobaneni, futhi Uyoshisa, ngomlilo." Bhekisisani lo—lowomanduleli kaKristu nga*lowo*nyaka, athi kwakuzokwenzeka. "Uhlamvu . . . "

206 Futhi ngethemba ukuthi anilele. Uhlamvu lulapha! Luyobuthelwa enqolobaneni. KwakuyilowoMlobokazi, leyongxenye yalo. Kodwa Wathi kuyokwenzekani ohlangeni na? Luyoshiswa ngomlilo ongacimekiyo. Funani insindiso manje nisangakwenza. Ube uhlamvu, hhayi uhlanga. Niyabo? Hambani ningene ekuPhileni, hhayi isimo esifile esidala; ngenani ekuPhileni kukaKristu, iZwi elenziwe inyama, i . . . elibonakalisiwe futhi laqinisekiswa kanjalo. Lesi yi—lesi yisikhathi sokubuthana, inhlanganisela iyeza. Kungcono ningene ohlamvini, ngoba ikhoba lizoshiywa ngemuva.

207 Manje, sithola ukuthi kwenzeka, UJesu . . . Ukuqedela isicaphuno sami lapha, loMathewu 11. Niyabo, Akamnikanga uJohane . . . Uthi, "Manje, lindani, Ngizonika uJohane incwadi ukuthi aziphathe kanjani, *IKholwa Etilongweni*." Qhabo! Wathi, "Yimani nizungeze bese nibhekisisa ukuthi kwenzekani. Buyelani emuva bese nikhombisa uJohane okwenzekayo: izinyonga ziyahamba, izimpumputhe ziyabona, ofile uyavuswa, neVangeli liyashunyayezwa abampofu." Khona impela nje umprofethi ayethe kwakuyofezeka. "Futhi ubusisiwe ongakhubeki ngaMi."

208 Abafundi bakhe baqala ukunqamula igquma, Waphenduka, wathi, "Naphuma ukuyobonani ngenkathi niyobona uJohane na? Naphumela ukuyobona umuntu onakekela izingubo ezinofonofo, kanjalonjalo, okhololo ababhekiswe emuva, nakho konke lokhu, niyazi?" Wathi, "Basezindlini zamakhosi, banga izingane bese bembela abafile, akazi ukuthi ibanjwa kanjani inkemba ebanjwa-zandla zombili." Niyabo? Wathi, "Naningayobonani na? U—umhlanga ontengantengiswa yinoma yimuphi umoya?" ("Woza, Johane, ngizokunika enye imali eningi uma uza ngapha." "Awu, akabusiswe uNkulunkulu, angisesiyo iMethodisti, ngizoba yiPhentekoste, ngizoba yiPresbyterian, ngizoba yi*lokhu*, *lokho*, le enenye futhi imali.") Wathi, "Anizange niyobona umhlanga untengantengiswa ngumoya." Wathi,

"Nayobonani lapho, umprofethi na?" Wathi, "Yebo, futhi odlula umprofethi."

209 UJohane wayesanda kwenza isethulo esiphansi kunazo zonke ayengasenza kuJesu. Wazi ukuthi sasifanele sifike ngaleyondlela; waMbuza emva kokuMethula futhi wasibona lesoSibonakaliso phezu kwaKhe, wathi, "Lona *ngu*Mesiya," manje-ke futhi uyabuza, "UnguYe, noma sibheke omunye na?"

210 Kodwa, bukani, uJesu ekwazi lokho, Wajika wayesemnika isethulo, wathi, "Naya ukuyobonani, umhlanga untengantengiswa ngumoya na?" Wathi, "Akaze abekhona umuntu ozalwa ngowesifazane omkhulu njengoJohane, kuze kube yilolusuku." Kunjalo! Ukuncoma okunje pho okunikwa umuntu!

211 Kodwa, niyabo, kwakulapho-ke, lesosiprofetho sasigcwaliswe khona phambi nje kobuso babo, nomanduleli eza, khona impela uMalaki akusho. Manje, lowo nguMalaki 3, hhayi uMalaki 4.

212 UJohane umBhaphathisi wayenguMalaki 3, uJesu washo njalo. Ngenkathi beMbuza, bathi, "Basholoni pho ababhali . . . "

Wathi, "Usefikile vele. Benza ababekushilo."

213 Kodwa, khumbulani, uMalaki 4, masinya emva komprofethi kaMalaki 4, ukufika kwesine kukaJohane umBhaphathizi e . . . noma u . . . kukaElija. Ukufika kwesihlanu kuyoba yiSambulo 2, ofakazi, ngenkathi efikela insali yamaJuda. Kodwa uNkulunkulu usebenzise lowoMoya ofanayo kahlanu: umusa, uJ-e-s-u, konke bekunguJesu ngaso sonke isikhathi; in-k-o-l-o, u-m-u-s-a, kanjalonjalo. Niyabo? Inombolo yesihlanu yinombolo yomusa futhi Wayisebenzisa. Ngeke nje asebenzise isithathu, ngeke nje asebenzisa isibili, isithathu, isine. Uwusebenzisa kahlanu.

214 Manje, qaphelani ngokushesha manje, njengoba siqedela. Wathi, "Nguye lo okwakhulunywa ngaye, 'Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.'"

215 Kodwa kuMalaki 4, masinya emva kokuba *lowo*mprofethi eseprofethile, wonke umhlaba uzoshiswa ngokuphelele, nabalungileyo bahambe phezu kwemilotha yababi. Niyabo? Impela! Niyabo, leso yisiprofetho sikaMalaki 4.

216 Futhi qaphelani kuLuka 17, lapho Athi, "Ngezinsuku zokugcina, kuyofika njengeSodoma neGomora futhi." Sinakho na? Sine Sodoma neGomora futhi? Zonke izizwe, kubukeni. Bukani ukuthi usanda kuthini nje ngeNgilandi, yonke into iphendukezelwe. Ngisho nokudla kuphendukezelwe. Futhi bukani lapha ukuthi isayense . . . Niyabona kwi*Reader's Digest*, ngikholwa ukuthi yinyanga edlule, bathi, "Abafana abancane namantombazane bedlula ezingeni leminyaka ephakathi nendawo phakathi kweminyaka engamashumi

amabili namashumi amabili-nanhlanu ubudala.” Ngibonana nabo emhlanganweni, amantombazane amancane eseya esikhathini, namashumi amabili, iminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala, eseya esikhathini. Kubalelwa kukuphi na? Impendukezelo, ukubhastelisa. Yilokho impela okonakalisile, yonke into yonakalise umzimba. Asilutho kuphela imfucumfucu ye—ye . . . njengesithombo esibhasteliwe nje.

217 Thatha isithombo esibhasteliwe bese usibeka phandle lapho, onke amagciwane ayogijimela kuso ngqo. Kodwa esangoqobo, isithombo sasekuqaleni, igciwane liyosibalekela, alikwazi ukuma kuso. Futhi yileyo indaba ngebandla, silibhastelisile.

218 Yileyo indaba ngehhashi elidala likaPearry Green enhla lapho, futhi lantshinga lowomfana ngoluny’usuku, alilutho kodwa ihhashi elidala eliyikwata. Niyabo? Into kuphela okuyiyo, li . . . Kufana nomnyuzi nje, uyi—uyi . . . umnyuzi awazi ukuthi ubani ubaba wawo noma umama, awazi lutho; ungumnyuzi uhhafu nehhashi uhhafu, nohhafu *lokhu* nembongolo; awazi ukuthi uyini. Ubungeke neze . . . Uyolindela yonke impilo yawo ukuba ukukhahlele. Kunjalo! Ungawubiza, uthi, “Woza, mfana. Woza, mfana.” Uyomisa amadlebe awo, futhi, “Oo! Oo! Oo!” Niyabo?

219 Njengabanye balaba abathi “Izinsuku zezimangaliso sezedlule, Oo! Oo! Oo!” zonke lezi ezizalaniswa uhhafu, abebefanele ukuba ngamalunga ebandla namaKristu. Angikusholo lona ihlaya lokho, kodwa yiQiniso. Kodwa elangoqobo, elohlobo, mfowethu, uyazi ukuthi kwakungubani uyise, wayengubani unina, kungubani uyisemkhulu, kwakungubani ugogo, ungamfundisa into ethize, umnene.

220 NomKristu wangoqobo ozelwe nguMoya oNgcwele futhi wagcwaliswa ngamandla kaNkulunkulu neZwi, uyazi ukuthi ubani uyise, ubani unina, ubani uyisemkhulu, wayengubani ugogo, wazi konke ngaLo. Ungamfundisa okuthize.

221 Kodwa okuzalaniswe uhhafu, yilokho okuza emabandleni. Ukubhastela phakathi kwezwe nezinhlangano zezenkolo, nokufaka iZwi elincane kuyo *lapha*, iZwi elincane *laphaya,* elenele nje ukudukisa. Kunjalo. Uma nibona iZwi likaNkulunkulu langempela libonakaliswa njengoba kwenza uKayafase nabanye, basuka kuLo, abazi. Ukubhastela!

222 Manje siyathola, nakulomlayezo, uIsaya 40:3 futhi waqinisekisa uJohane. Wathi, “Iphimbo loyedwa, umprofethi, limemeza ehlane, ‘Lungisani indlela yeNkosi, yenzani umendo waYo uqonde.’” Ibandla alimkholwanga, ngokuba wayengesuye oweqembu labo. Lowomprofethi wakhuliswa ehlane, wenyuka engazi-muntu. WayenalowoMoya impela uphezu kwakhe uElija ayenawo: wayengumuntu wasehlane, wayebazonda abesifazane abanesimilo esibi.

223 Khumbulani ukuthi kanjani uElija . . . Yini eyabangela ukuba ikhanda lakhe lisuswe kuye na? KwakunguJezebele. UJezebele wayeyimbangela yokufa kwakhe. Kwamxoshela ehlane.

224 UJohane umBhaphathizi, omunye umthandi-hlane, umzingeli, umhlalimahlathini. Mbhekisiseni. Wayengenamfundo. Bhekisisani indikimba yakhe—yakhe, wayengafani nosiyazi wezenkolo. Wathi, "O nzalo yezinyoka!" Into engcole ukwedlula zonke ongayithola ehlane, ukunyenya, kwakuyi—kwakuyinyoka. Futhi wabiza labobapristi ngokuthi, "Nzalo yezinyoka! Ubani onixwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na? Ningaqali ukuthi, 'Singaba *lokhu,* futhi sina*lokhu* noma *lokho*,' ngokuba Ngithi kini, uNkulunkulu angakwenza ngalawamatshe," ihlane. Futhi, "Izembe" (akusebenzisa) "libekiwe empandeni yomuthi; nayoyonke imithi engatheli isithelo esihle, iyagawulwa bese iphoswa emlilweni." Amen.

225 Wayengumshumayeli wemvelo. Indoda enkulu kaNkulunkulu, yaphila isikhathi esifishane, kodwa ngempela yokhela ilangabi emhlabeni wonke. Yethusa lesosizukulwane ngalezozinyanga eziyisithupha zenkonzo yayo. UNkulunkulu wayikhulisa iminyaka engamashumi amathathu, ukukhipha lezozinyanga eziyisithupha kuyo. Kodwa uNkulunkulu wenza indlela engeyaKhe, Uyasazi ukuthi siyini isivuno saKhe.

226 Futhi siyathola manje ukuthi lokhu kuyikho impela okwakwenzekile. Abayikholwa, ngoba yayingesiyo eyabo. Abazange. Benza njengokwejwayelekile, abaLibonanga. Abalikholwanga iZwi likaNkulunkulu likaMalaki 3, kungenjalo babeyobona ngokusobala, ngencwadi iletha, ukuthi lona kwakuyilowomanduleli. Babekade bengenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane, futhi lapha ngoyedwa ovuka enkundleni khona manjalo. Niyabo? Nabantu, amakholwa, amkholwa ukuthi uyilokho. Niyabo, abaLikholwanga. Abakholwanga, ngoba ngenkathi bebone incwadi iletha iqiniswa ngokuphelele, ukuthi Akushoyo Wayezokwenza, nayo yonke into, futhi eLibone liqiniswekiswa ngokuchachile ngenkathi uliZwi efika engena ngqo emanzini kumprofethi. Futhi bama lapho.

227 Kunabaningi abaphikisana ngalowomBhalo ngoJohane. Niyabo, uJohane wathi, "Yimina engiswela ukubhaphathizwa nguWe, futhi Wena uzelani kimi na?"

228 UJesu wathi, "Vuma kalokhu, ngokuba kanjalo . . . kodwa kanjalo kusifanele, kusimelwe (kufanele) ukuthi sigcwalise konke lokho. Konke kunjalo, Johane, wena ungumprofethi, uyazi umhlatshelo uzofanele ugezwe ngaphambi kokuba wethulwe. Futhi Ngiyilowomhlatshelo, nawe ungumprofethi futhi uyakwazi lokho." WayeseMvumela-ke ukuba aMbhaphathize. Niyabo? Futhi wayazi ukuthi kwakuyikho.

229 Bukani, bamhleka, bambiza ngo "lwasendle, oludazulukayo, uhlanya olungafundile," njengokwejwayelekile, lowomprofethi andulela ukufika kokuqala kukaJesu.

230 Anisho ukuthi kukhona. . .asinabo yini abazifanisa nomuny'umuntu wa—wangokoqobo na. Bayakwenza, bayakwenza uqobo. Kodwa, khumbulani, uma nibona idola-mbumbulu kuzofanele kube nedola langempela elenziwe lisuselwa kulo. Uma ubona oyedwa ozifanisa nomuny'umuntu ukuba ngumKristu, kuzofanele kube nomKristu wangempela ndawondawo; ngoba, ukuba ubengekho, *lokho* bekuzoba ngokwasekuqaleni. Uzofanele ufike kokwasekuqaleni. Kodwa hlola okokuqala, bese ubona ukuthi ngabe okokuqala kuyahambisana yini ncamashi nesithembiso. Uma kuhambisana, khona-ke Kukholweni: isithembiso sonyaka.

231 Khona-ke isiprofetho sikaJohane saqinisekiswa ngokohlelo lukaNkulunkulu. IZwi leza kumprofethi futhi lamqinisekisa ngokweqiniso njengalowomuntu.

232 Futhi uJesu wangena e. . .ehlukile ekuqondeni kwakhe kwalesosiprofetho. AbaLiqondanga ngaleyondlela. (Manje, sehlela ekugcineni manje.) Kodwa ngokweZwi lomprofethi, Lagcwaliseka ncamashi. Isiprofetho sigcwalisekile; kodwa indlela ababecabanga ukuthi Lalizoba ngayo, Lalingengayo leyondlela. Manje, babengaqonda kanjani futhi bazi ukuthi yikuphi okwakuyikho nokwakungesikho na? Ukubona ukuthi ngabe kwakuqinisekiswe nguNkulunkulu yini, ukuthi ngabe kwakunguNkulunkulu yini ehumusha Ayekushilo. Kwakukade kukhona oJesu bamanga abavukayo, base behola umuntu, isigejane se. . .amakhulu amane, phandle ehlane nezinto; kodwa akazange afakazise ukuzenza yena uqobo eZwini, niyabo, njengoba Asho.

233 UJesu, ngenkathi Efika, Wayezoba ngumProfethi. Kunjalo! Futhi namhlanje, ngaphambi kokuba uJesu afike futhi, ukubonakaliswa okugcwele komuntu kaJesu Kristu kuzobonakaliswa enyameni. Kucabangeni! UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho iNdodana yomuntu yembulwa." Yini *embulwayo* na? Esombululwayo, yaziwa. Imfihlo iveziwe, yembulwa. Ngosuku iNdodana yomuntu eyokwembulwa ngalo, izwe liyoba sesimweni seSodoma. Sinaso, asinaso na? Ya! Bangaki okukholwayo lokho na? Lisesimweni seSodoma. Futhi lokho kunjalo impela! Bukani ukuthi lihleziphi, manje.

234 Khumbulani njalo kunamaqembu amathathu abantu kuzozonke izigejane zabantu ababuthanayo, lokho ngukuthi, abazenzisi, abangakholwa, namakholwa. Sinawo kuwo onke amaqembu. Bebenabo kuso sonke isikhathi. Kwakukhona

abaseSodoma, kwakukhona—kwakukhona abakaLoti, futhi kwakukhona uAbrahama.

235 UAbrahama kwakuyiqembu elalibizelwe ngaphandle, wayengekho eSodoma kwasekuqaleni nje. Manje bhekisisani uMlayezo wabo! Babekade bebheke indodana ethenjisiwe, babesibheke iminyaka. UNkulunkulu wayebonise uAbrahama izibonakaliso nezimangaliso ezinkulu eziningi, kodwa lapha uNkulunkulu wehla qobo lwaKhe njengomuntu!

236 Wena uthi, "Leyo kwakuyiNgelosi."

237 UAbrahama waMbiza nge, "Nkosi," elikhulu N-k-o-s-i. Noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyazi ukuthi lelo elikhulu N-k-o-s-i nguElohim. "Ekuqaleni uNkulunkulu," iNkosi uNkulunkulu, uElohim, Onele konke. UAbrahama waMbiza ngokuthi, "Nkosi Nkulunkulu, uElohim."

238 Manje qaphelani, kwakunabantu ababili abehlela eSodoma nomlayezo, futhi bashumayela kwabaseSodoma. Abenzanga lutho, kodwa babaphuphuthekisa; okungukuthi, ukushunyayelwa kweVangeli kuyamphuphuthekisa ongakholwayo.

239 Kodwa bhekisisani ukuthi hlobo luni lwesibonakaliso iqembu lika-Abrahama elasemukelayo!

240 Manje, sifanele ukuba yiNzalo yobukhosi ka-Abrahama, UIsaka wayeyinzalo yemvelo. Kodwa iNzalo yokukholwa, ukukholwa eZwini elithenjisiwe, iZwi eli*thenjisiwe* (ningaLigeji) kwakuyiNzalo yobukhosi; leyo kwakuyiNzalo, ukukholwa kuka-Abrahama. "Thina esifile kuKristu, siyiNzalo ka-Abrahama, izindlalifa naye ngokwesithembiso."

241 Qaphelani ngenkathi konke lokho kwakwenzeka, ezansi eSodoma kwakukhona abefundisi ababili ezansi lapho beshumayela benomlayezo omkhulu.

242 KwakunoYedwa owahlala enhla lapha neqembu lika-Abrahama elingazilulazanga naleloqembu ezansi lapho. Manje bhekisisani lowo oYedwa owahlala neqembu lika-Abrahama, hlobo luni lwesibonakaliso Alunika bona. Wathi . . . Manje, khumbulani, igama lakhe lalinguAbrama ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho; no S-a-r-a, hhayi uS-a-r-a-y-i (inkosazana). NaleNdoda, Ifulathele ithende . . .

243 Abesifazane ngaleyonkathi babehlukile kunalokho abayikho manje. Bazofanele baphume bese bengena ebhizinisini lomyeni wabo nakho konke okunye, niyazi. Kodwa babengakwenzi ngaleyonkathi; babehlala emuva ngemuva.

244 Ngakho ba . . . ngakho lezoziNgelosi ezihlezi lapho. Isithunywa, Yayisithi, "Abrahama, uphi umkakho (uS-a-r-a) uSara na?" Wayengakwazi kanjani na? Wakwazi kanjani na?

245 UAbrahama wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

246 Yathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi eNgakwethembisa sona. Ngizokuvakashela." NoSara wathi ukuhleka kuye uqobo.

247 Ifulathele ithende, yase Ithi, "Uhlekeleni uSara, ethi, 'Zingenzeka kanjani lezizinto na?'" Ukuba wayekade engekho kuAbrahama, umlobokazi ngalesosikhathi, uNkulunkulu wayeyombulala. Kanjalo besiyoba njalo nathi ngakho konke ukungakholwa kwethu, ukuba besingekho kuKristu. Lokho kusibamba khona lapho, niyabo. Wayengenakumlimaza noma wayengenakumthatha uSara ngaphandle kokulimaza uAbrahama. Niyabo?

248 Futhi ngakho khumbulani, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Sibona wonk'umuntu evuma ukuthi izwe lisesimweni saseSodoma. Ngacosha iphepha laseLos Angeles lapha kungekudala, futhi lathi, ngicabanga ukuthi lithi "Ubungqingili busekwandeni ngamapesente angamashumi amabili noma amashumi amathathu eLos Angeles, unyaka ngamunye banda kangako." Ku . . . O, kubi kakhulu! Kuhulumeni wakithi nandawo zonke, yonke into isiba nje ngephendukezelwayo. Kunjalo! Yonke into, yonke inqubo, ibandla nayo yonke eny'into iphendukezelwe. Kusonyakeni wokuphendukezelwe.

249 Manje ngifuna ukubuza nina bosiyazi bezenkolo into ethize, bazalwane bami. Akusikho ukuthi ngikhuluma ngiphikisana nawe, mfowethu othandekayo; ngilapha ukukusiza, mfowethu. Ngilapha ukuma kulokho iZwi likaNkulunkulu elikushoyo, njengoba ngibamba isandla sakho futhi ngikhipha lesisixuku sabantu kulezizinto. Kunjalo!

250 Kodwa bukani lapha, asikaze sibe nesithunywa ezansi eSodoma ngaphambi kwalokho ukuthi igama lakhe ligcine ngo h-a-m kuze kwaba manje. Sibe noSpurgeon, uWesley, uLuther, nayo yonke into, kodwa asikaze sibe nesithunywa samazwe ngamazwe igama laso eligcina ngo h-a-m, ngaphambili. Kunjalo! Niyabo, G-r-a-h-a-m, izinhlamvu eziyisithupha, G-r-a-h-a-m, Billy Graham; lowomvangeli owaziwayo, umsebenzi omkhulu kaNkulunkulu, indoda ithunywa ivela kuNkulunkulu. Inalokho kulungisisiswa ezansi ukumbambatha kakhulu, futhi inyakazisa isizwe ngakho, niyabo, kanjalo. Akukho . . .

251 Bukani uOral Roberts ehlelweni lamaPhentekoste. Wake wabakhona nini onjalo na?

252 Izinhlamvu eziyisithupha, lutho ngisho. UAbraham ngu A-b-r-a-h-a-m, isikhombisa. UBilly Graham ngu G-r-a-h-a-m, isithupha.

253 Manje bukani izithunywa. Bukani isikhathi esisihlelayo, sasingakaze sibekhona isikhathi emlandwini. Bukani izibonakaliso ezifanayo Athembisa ukuthi zaziyonikwa

iqembu ngalinye. Bukani ukuthi zikuphi. Okufanayo, impela, ngokwendawo eyiyonayona, kuhlelwe ngokohlelo impela. Imvelo, izwe, yonke into, ihlelwa ngqo impela esikhathini.

254 Manje ningaLigeji, sisadweba konke okwalomBhalo! NgokuShesha manje, isizathu nginibamba isikhathi eside kakhulu. Biza . . . Bukani lapha. Futhi ngokomprofethi, wafika nje eZwini impela, esikhathini empela.

255 Manje bukani unyaka manje lapho esiphila khona. Asiphili khona yini kulesosikhathi saseSodoma na? Bhekisisani isithunywa eqenjini lika-Abrahama. Bhekisisani izinombolo, izinhlamvu, nokutadishwa kwezinhlamvu ezingabonwa zegama lakhe. Wena uthi, "Akukho-lutho egameni." Ungalokothi uvumele noma ubani akutshele lokho. Walishintshelani igama lika-Abrama, libe nguAbrahama, uSarayi abe nguSara na? Walishintshelani igama likaSimoni libe nguPetru, nawo onke lawo elinye Na? Niyabo? Impela kukhona. Impela!

256 Yingalesosizathu ngingambizi, neze umntanakho ngo "Ricky," noma u "Elvis," noma okuthize. U*Elvis* kuchaza ukuthi "ikati," u*Ricky* yi "gundwane." Niyabo, uma uthi . . . Kunjalo impela. "Les," noma okuthize, ungalokothi ubize omunye womntanakho . . . abantwana ngalokho. Uma kunjalo, lishintsheni ngokushesha impela, bantu. Ninga . . . Nina eni . . . Uma ungikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, ungalibetheleli lelogama kulowomntwana bandla. Niyabo? Qhabo, mnumzane, mnike elinye igama ngaphandle kwalelo. He! Bengingeke ngasuka kulokho, ngoba ngisuka endabeni yami, kodwa ngikushilo futhi sekuphelile. Ngi . . . Nikwenza kanjaloke, awazi ngenkathi ukusho. Niyabo?

257 BaMbiza, "Kweliny'izwe, ngombhuli, idemoni, uBelzabule," futhi bathi, "UZenza uNkulunkulu." O, he!

258 Akashongo yini uIsaya umprofethi, "Uyakuthiwa uNkulunkulu onaMandla"? Isaya 9:6, "Sizalelwe umntwana, siphiwa indodana, nombuso uyakuba semahlombe aKhe, neGama laKhe liyakuthiwa nguMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaphakade." Kunjalo! Futhi, uJohane oNgcwele 1:1, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Niyakukholwa lokho na? Wayengesuye nje . . . WayengumProfethi, kodwa waYedlula umprofethi; WayengumProfethi-kaNkulunkulu. Kungani Adingeka afike na?

259 Khumbulani, Ufika ngamagama amathathu endodana. Wafika ngegama lokuqala leNdodana yomuntu. Akazange Azibize nge "Ndodana kaNkulunkulu." Niyakwazi lokho. Niyabo, Wafika ngeNdodana yomuntu, umprofethi. UJehova uqobo lwaKhe, uBaba, wabiza uJeremiya nge, "ndodana yomuntu"; umprofethi uyindodana yomuntu. Ufika . . .

260 Manje Ufika emva koSuku lwePhentekoste, Ubuya ngesimo sikaMoya oNgcwele, uMoya ongaphezu kwemvelo. Manje UyiNdodana kaNkulunkulu.

261 Esikhathini seminyaka eyiNkulungwane Uyoba yiNdodana kaDavide, ehlezi esihlalweni sobukhosi sikaDavide. Niyabo, Ufika nge. . . UyiNdodana kaNkulunkulu, iNdodana yomuntu, iNdodana kaDavide.

262 O, iBhayibheli ligcwele lezizigaqa. Singeke sazithola zonke ngobusuku obubodwa. Kodwa nje kuyenela ukubeka lokhu manje. Ikusasa lingahle lingantweli neze. Singabe sesihambile ngaphambi kwakusasa. Ngingahle ngishumayele kumuntu oyobe esefile ngaphambi kokuba kube sekuseni. Ngingahle ukuba sengihambile ngaphambi kokuba kube sekuseni. Mfowethu, dade, leyo akusiyo insumansumane, lokho ngamaqiniso angempela! Asazi ukuthi sikhathi sini esihamba ngaso, futhi ningeke sisabanathuba emva kwalowomphefumulo wokugcina usushiya umzimba wakho. Kulungise khona manje, ungalindi kuze kube sekuseni, kungahle kube leyithi kakhulu.

263 Qaphelani manje, babenze kuYe lokho impela nje abaprofethi abathi wayezokwenza, njengoba benza nje ngalo lona lolusuku olufanayo oNyakeni waseLawodikeya. Uma nifuna ukuwubuka, fundani iSambulo 3, "Uphuphuthekile, uhamba-ze, kepha kawazi. Uphendula uKristu. . ." Nxa Eqala ukuZembula esimweni sembewu futhi, yona leyo eyangena emhlabathini ibuyela kuMlobokazi; uMlobokazi nje noMyeni, yinyama negazi okufanayo, inkonzo efanayo, nezinto ezifanayo, kwenza khona impela nje Akwenzile; uMoya.

264 Futhi lapha bazifanisa nomuny'umuntu futhi benza konke okunye, futhi ngamunye unencwadi yakhe nokugijima, na*lokhu*. O, anikaze niwuzwe lowomuzwa! Futhi. . . [Mfowethu Branham uhogela ngamkhala akhe—Mhl.] "Ngihogela udeveli manje." Konke *lokhu, lokhu,* kungesikho nhlobo okombhalo njengoba kumele!

265 Nento yangoqobo ilele khona lapho phambi kwabo, basuka bahambe, "Abasibo abenhlangano yami." He, he, nje, niyabo, nje impumputhe ihola impumputhe. Aziyikuwela emgodini na? Ziphuphuthekiswa yimikhuba yamahlelo, baMkhipha ebandleni labo njengoba uNkulunkulu athi babeyokwenza, iSambulo 3; njengokwejwayelekile, njengoba kuprofethiwe.

266 Qaphelani ukuthi uJesu kwakuyivelakanc. . . ukuthi Azazise kubafundi bakhe, manje, futhi sizovala. Lababafundi ababili, uKayafase. . . uKliyopase, njalo, nomngani wakhe. Manje sisekuvukeni, ukusa emva kokuvuka, ukuvuka kokuqala; ukusa okuhle kanje pho, uJesu usevukile kwabafileyo futhi uphila phakathi kwabantu baKhe. Umcabango omuhle kanje pho!

267 Nangu ofanayo nayo namhlanje njengoba Wayenjalo ngalolosuku, ngoba Nguyena izolo, namuhla, nango. . . Futhi

Ezembula kakhulu namhlanje kunoma Enzile kunoma yimuhi omunye unyaka selokhu kwaba yilolosuku; ufika ngokolo nangohlanga nangekhoba (konke sekwedlule manje), sikukolo futhi. Niyabo, sesibuyele kukolo futhi.

268 Waziwa njenge... kwazi... Bhekisisani ukuthi UzaZisa kanjani kulababantu, manje, khumbulani, njengoMesiya wabo (ngaphambi nje kokuba sivale) ngeZwi elithenjisiwe lonyaka. Qaphelani! Wabonakala kubo, e... njengoba Ethe Wayezokwenza, kumprofethi. Qaphelani, "Nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukukholwa konke abaprofethi okulobe ngaYe ukuthi kwakufanele kugcwaliseke."

269 Mbhekisiseni! Ukhomba emuva ngqo eZwini likaNkulunkulu, Akazange aphume ngqo wayesebatshela, "AniNgazi na? NginguMesiya ovukileyo." Akazange akusho lokho. Niyabo, Uvele nje ubanika umBhalo; njengoba kwenza uJohane, nabo bonke abanye. Niyabo? Wavele nje... Bazofanele bazicoshele bona lokho. Bazofanele bazehlulelele bona. Manje, ungalali, zehlulele.

270 "Nina eningaqondiyo, enilibele enhliziyweni ukukholwa konke abaprofethi akushilo kwakufanele kufezeke." Ukusola okunje pho kulabo ababezisho ukuthi babeMazi. Niyabo?

271 Qaphelani ukuthi Usondela kanjani endabeni. Akaphumi neze ngqo, njengoba ngishilo emizuzwini embalwa edlule, wayesethi, "Awu, anazi ukuthi NginguMesiya wenu walonyaka na? Anazi ukuthi NginguYe na?" Inceku kaNkulunkulu yangempela ayizikhombi neze yona uqobo ngaleyondlela; umBhalo uyayikhomba ukuthi ingubani. Impela, iyokwenzenjalo. Kodwa yabanakisa lokho abaprofethi ababethe akubhekwe konyaka kaMesiya. Niyakubona na? Buyelani emuva ngqo: "Nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni, ukuba ningakholwa konke abaprofethi abakushilo ngoMesiya kufanele kufezeke."

272 Yena, njengoJohane, iZwi leBhayibheli maliMkhombe, Ayeyikho kubo. Lokho kwakufanele kwenziwe kube sobala ngokwenele. Uma iZwi laliMkhombile, lokho kwakufanele kube sobala ukuthi isithembiso sasiNgubani ababesibhekile. Babazi ukuthi wayekade ene... omunye wayefanele afike enkundleni ngalesosikhathi.

273 Ngani, Wena uthi, "Manje ake Nginikhombise ukuthi iZwi yini elithi ifanele ukwenzeka ngalolusuku."

274 Angisuye, kulobubusuku, ngizama ukunitshela, iZwi ngeZwi (ngisho nasesikhundleni, indawo, amagama, nezinombolo, yonke enye into, nazo zonke lezizibonakaliso, izikhathi, nayo yonke into), ukuthi sisesikhathini sokuphela ngqo na? Impela ningabona ukuthi ngikhuluma ngani. Niyabo? Bukani! Lokho kusobala kakhulu akufanele kudinge okunye okuningi ukukhonjwa. Wathi, ngeNkathi eselapha emhlabeni,

"Hlolani imiBhalo, kuyo enicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade, bayilokho oku . . . iyafakaza ukuthi Ngingubani, niyabo, ukuthi Ngingubani."

275 Qaphelani, Uqala ngoMose umprofethi, umprofethi, uDuteronomi 18:15. Manje, ngibhekisisa umBhalo lapha. KuDuteronomi 18:15, uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wakho . . . "

276 Niyabo, uNkulunkulu wakhuluma kuye esiqongweni sentaba. Futhi, o, he, ukuduma; bathi, "Akuthi—akuthi iNkosi . . . Akukhulume uMose, hhayi uNkulunkulu, funa sibhubhe."

277 Wathi, "Basho kahle. Ngizo . . . Angisayikukhuluma kubo kanje, kodwa Ngiyakubavusela umprofethi." Nalowo bekungumlayezo waKhe kusukela le. Yilokho okuzoxazulula yonke into ekugcineni. Kuzofanele, ngoba iZwi leNkosi lizofanele lize kumprofethi. Liyiyonanto kuphela Elingafika kuyo. Uma lingafiki, kwephula iZwi likaNkulunkulu futhi kuMenza asho into eyiphutha. Niyabo? Alisoze laya ekholiji. Liya kumprofethi. Nomprofethi uthunywa evela kuNkulunkulu, ogcotshiwe. Nokuthi wazi kanjani ukuthi kuyikho, futhi hhayi okushiwo ngumuntu, . . .

278 Sibe noElija, namabhantshi, nayo yonke enye into, namashalofu aphezu kweziko, nazo zonke izinhlobo zemibhedo, ezachezukela ebunhlanganweni nayo yonke enye into.

279 Kodwa kuyofika kulomhlaba, ngesithembiso sikaNkulunkulu, inceku kaNkulunkulu yangokoqobo, ikhonjwa nguNkulunkulu (ngeZwi laKhe liyimpendulo yalolusuku), ezohlela uMlobokazi ngokuhlelekile (ingcosana encane ngempela ngesibalo yebandla) bese eyihlwitha. Kunjalo! Uyokwethula, "Bhekani, Nango engangikhuluma ngaye, niyabo, lokho kuyofika."

280 Nakho konke lokho abaprofethi ababekushilo ngaYe, nokwalonyaka, ngani impela kwakuyothakaseleka ukuMuzwa esho lokho. Naningethande ukuMuzwa ekusho na? "Bonke abaprofethi basho nge . . . " Khumbulani, Washo ukuthi abaprofethi babeyothini ngaYe uqobo, Ezicaphuna Yena uQobo, Ayekushilo (futhi WayeyiZwi); ecaphuna.

281 Manje ake silalele amaZwi Awacaphuna. Ningathanda ukuzwa lokho Akusho kubo na? Ake sithwale ingxoxo yabo manje, ngaphambi nje kokuba sime.

282 Manje, batshelwa kafishane ngazo zonke izenzeko zakamuva zokubethelwa, ngendaba ethuneni nengcwaba, nabesifazane ababeMbonile, nomunye wathi baMbonile, kanjalonjalo. Wathi . . . Ba—baMtshela kafishane ngalokho. Futhi Uqhubeka ngqo neZwi mayelana . . . ezicaphuna Yena uqobo ngeZwi:

"Manje bukani kuZakariya 12." (Ufanele ukuthi Wacaphuna uZakariya 11:12.) "Ngokuba Wathengiswa ngezinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu. Wayengafanele yini uMesiya ukuthengiswa ngezinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu na?

"KumaHubo 41:9, Wakhashelwa ngabangani baKhe. Niyabo?

"Zakariya 13:7, washiywa ngabafundi baKhe.

"KumaHubo 35:11, wamangalelwa ngofakazi bamanga.

"NgoIsaya 35:7, ethule phambi kwabamangaleli baKhe, akazange awuvule umlomo waKhe." (Kulungile, mnumzane.)

"Isaya 50:6, Washaywa.

"AmaHubo 22—22, Wamemeza esiphambanweni, 'Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?' Onke amathambo aMi ayaNgigqolozela. Babhobozile izandla zaMi nezinyawo zaMi." (Bukani iziprofetho Ayengakhuluma ngazo!)

"Isaya 9:6, Sizalelwa umntwana, intombi iyakukhulelwa, kanjalonjalo.

"Kanti futhi kumaHubo 22:18, ba—ba—babelana ngezingubo zaKhe.

"KuIsaya 7:14, intombi iyakukhulelwa.

"AmaHubo 22:7 nele 8, baMenza u. . .wabhinqwa yizitha zaKhe, Ayefanele. . .ukuba abangani baKhe; izitha zaKhe, ibandla.

"KumaHubo 22 futhi, Waye. . .akukho-thambo elephulwayo, kodwa bagwaza izandla zaKhe nezinyawo zaKhe.

"Isaya 53:12, wafa nezelelesi.

"KuIsaya 53:9, walinyazwa, futhi wembelwa kanye nabazalwane abacebile.

"KumaHubo 16:10, Wavuswa kwabafileyo. UDavide washo njalo, 'Angiyikuvuma ukuba ONgcwele WaMi abone ukubola, aNgiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese.' Wayezovuka kwabafileyo.

"Malaki 3, uJohane umBhaphathizi wayengumanduleli waKhe."

283 Nayo yonke imifanekiso Angahle ukuba wedlula kuyo! Ngisho nakuIsaka engumfanekiso waKhe phezu kweNtaba. . . phezu kwentaba lapho uyise uAbrahama amthatha khona, kuGenesisi 22.

284 Kwakumanje abaqala khona ukubona ukuthi uBani owayegcwalise lemiBhalo eyathenjiswa ngalolosuku. Kwakungaleyonkathi, emva kokuba kwase kuleyithi, baqala ukubona. "O! Awu, awume kancane! Niyazi ukuthini?" Bazi ngaleyonkathi ukuthi uMngani, wabo uJesu, obethelwe

wayengumProfethi owayethenjisiwe. Babazi ngoba . . . Niyabo, babengatshelwanga kafishane ngemiBhalo.

285 "Kodwa, lapha, zonke lezizinto efanele ukwenzeka esiphambanweni, zonke lezizinto. Nina eningaqondiyo, enilibele ukuqonda konke abaprofethi abakushilo; ukuthi uMesiya uyakuhlupheka kanjani, futhi angene enkazimulweni yaKhe, bese evuka ngosuku lwesithathu."

286 Basalokhu behamba. "O, yebo. Kunjalo. Ngithi U—U . . . Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu na?" basho. Akumangalisi izinhliziyo zabo zavutha! Iziprofetho Ayezinikeza esagcwaliseka.

287 Base beqala-ke ukuqonda ukuthi uMngani wabo, uMuntu ababedla naye, bakhuluma naye, bazihlanganisa naye, badoba naye, balala emahlathini, lowo owagcwalisa onke amaZwi ehora elithenjisiweyo! Kwakulapho-ke. Babehambe amamayela ayisithupha, kwakubonakala kuyisikhathi esifishane kakhulu, ngiyethemba, futhi babekade bezwe intshumayelo yamahora ayisithupha ngesiprofetho esiqinisekisiwe (isikhathi esidanyana kunaleso esibenaso kulobubusuku, niyabo). Manje kwase kuthi ukuba leyithi ngesikhathi sokuhlwa, iziNkanyiso zakusihlwa zase zifikile.

288 Kuyafana manje, bandla! IziNkanyiso zakusihlwa sekufikile! AmaHeberu 13:8, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." O, izehlakalo zichasiswa yisiprofetho, kuyafana namhlanje. UkuKhanya kwakusihlwa kwethenjiswa ngumprofethi kaNkulunkulu, kuZakariya 14:7, kwangathi futhi kungavula amehlo ekholwa leqinso ezehlakalweni esenzeka namhlanje, esifakazelwe yiziprofetho ukuthi sisesikhathini sokuphela. UJesu uyeza.

289 Khona impela . . . Ku . . .

290 Wathi, "Kuyobakhona usuku olungayikubizwa ngokuthi ngobusuku noma imini." Wathi, "Kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya." Manje, siyazi, ngokomumo womhlaba, ilanga liphuma empumalanga futhi lishone entshonalanga. Manje, umprofethi wathi, "Kuyakuba nokweluleka okude kwesikhathi oluyoba ngoluhwaqabele, uhlobo lwe . . . lwalungenakubizwa ngemini noma ubusuku; kuluhlobo lolumnyama, usuku oluyisigayegaye."

291 Manje, yaphumaphi iNdodana na? Ini . . . Leyo kwakuyiN-d-o-d-a-n-a esikhuluma ngayo manje. Ukuthi in-d-o-d-a-n-a yemvelo iphuma empumalanga bese ishona entshonalanga. Yena lowoNkulunkulu ofanayo, lona lelo . . . *langa* elifanayo, njalo. Kanye ne N-d-o-d-a-n-a kaNkulunkulu yaphuma kuqala empumalanga, kubantu basentshonalanga.

292 Futhi manje emva kokuba Isihambile, benzani na? Iminyaka engamakhulu amathathu kamuva, baqala inhlangano yabo yokuqala, ibandla eliRoma Katolika. Ngesikhathi semiNyaka

yobuMnyama bahamba, base bephuma. Benzani na? Into efanayo. Selokhu kungusuku. . . Obelungabizwa ngemini noma ubusuku. Babeneziyalo ezenele, futhi babekholwa ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, futhi bahamba ekukhanyeni ababenakho, benza amabandla abo, bakha izibhedlela nezikole kanjalonjalo, namakholiji, bathumela abantwana babo esikoleni.

293 Kodwa umprofethi wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa. INdodana iyolunguza futhi, kuyakuba ngukuKhanya." Ini? INdodana efanayo (N-d-o-d-a-n-a) eyembulwa enyameni ngesikhathi sasekuseni, emuva lapho, iyokwembulwa futhi ngesikhathi sokuhlwa.

294 Manje qhathanisani uLuka oNgcwele. 17:30, "Futhi ngalolosuku, njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, ukuhleleka kwezwe, ngesikhathi iNdodana yomuntu yembulwa."

> Kuyoba khona ukuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa,
> Indlela eya eNkazimulweni impela niyoyifumana.

295 O, he! Bantu, sikuphi na?

> Izizwe ziyehlukana, uIsrayeli uyaphaphama,
> Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
> Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo; (Mbhekisiseni eshelela engena olwandle!)
> Buyani, O bahlakazekileyo, niye kwabakini.
>
> Usuku lokuhlengwa seluseduze,
> Izinhliziyo zabantu zehlulwa ngukwesaba;
> Gcwaliswani ngoMoya, lungisani nihlanze izibani zenu,
> Bhekani phezulu! ukuhlengwa kwenu sekuseduze. (Kungcono nenzenjalo.)

296 Mfowethu, dade, yisikhathi esishayisa uvalo ngempela. Bhekisisani izinto eziprofethiwe, bhekisisani izinto zenzeka. Bhekisisani sonke isiprofetho sigcwaliseka, khona-ke siyabona ukuthi konke lokhu kumayelana nani. Akusiso isigejane. . . umushwe wobuhlanya. NguNkulunkulu eqinisa amaZwi aKhe impela, impela. Idwala lishayiwe, bangani, balekelani kuLo ngokukhulu ukushesha eningakwenza. Isiprofetho siqinisekisa usuku esiphila kulo.

297 Asikhothamise amakhanda ethu. [Umfowethu ukhuluma ngoluny'ulimi. Udade unikeza incazo. Umfowethu emsamo uthi, "Singake singaxhamazeli umzuzwana na? UNkulunkulu ukhulume kithi ngoMfowethu Branham, nogcobo lukuMfowethu Branham, futhi akakaqedi. Futhi. . ." Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

298 Nkulunkulu Othandekayo! Niyaluqonda usuku esiphila kulo, bangani na? Ningalokotha niphikisane noNkulunkulu na? Ningasho ukuthi "Akaqinisile," abe Elifakazelile na? UnguMhumushi waKhe yena. Niyathanda ukuMkhonza na?

Manje amakhanda ethu ekhotheme, nezinhliziyo zenu zikhotheme, mfowethu, dadewethu.

299 Lesi kungahle kube yisikhathi sokugcina sethu sokubonana. Singahle singaphinde . . . Ukuba bengingabuya unyaka kusukela namhlanje, uma ngiphila, kungaba nabaningi olapha manje ongayikuba lapha ngaleyonkathi. Futhi ngiyodingeka ngidibane nani eNkatolo yokwaHlulela futhi ngiphendule ngakho konke engikusho kulobubusuku.

300 Phambi kukaNkulunkulu, nisekahle engqondweni yenu, ningakwenza manje lokhu kakhulu kuNkulunkulu na? Uma nazi ukuthi ni . . . Zibuke wena nje esibukweni sokubuka sikaNkulunkulu (iBhayibheli), akundandaba ukuthi wena ungubani, futhi uthi, "Ngiyazi ngisilele kakhulu ngokuba yindodakazi kaNkulunkulu, buka indlela engenza ngayo. Ngisilele kakhulu ngokuba yindodana kaNkulunkulu, bukani indlela engenza ngayo. Kodwa, uNkulunkulu, angifuni ukuba lapha, ngi—ngifuna ukuzabalazela leyondoda." Ngifuna uphakamisele isandla sakho kuNkulunkulu, nje noma ngabe ungubani, noma ngabe ukuphi endlini yonke, "Yebo, ngifuna ukuba yindodana kaNkulunkulu. Ngifuna ukuba yindodakazi kaNkulunkulu. Ngifuna ukugcwalisa yonke into iNkosi yami eyiyalile." Manje u . . . UNkulunkulu anibusise. Ngiqagele amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye ezethameli.

301 Manje buka lapha, mngani wami. Ukuba-ke wawuphile ezinsukwini ngenkathi uzwa uJohane eshumayela na? Ukuba-ke wawuphile ezinsukwini ngenkathi uJesu wayelapha na? Wawuyothatha uhlangothi lukabani na? Ukuba wawuphile kwezikaJesu' . . . Khumbula, uma Waye . . . Ukuba wawuphile emuva lapho, kwakuyoba njengoba kunjalo manje. UJesu ofanayo Uyazazisa ngeZwi laKhe, niyabo, futhi aLithandeki kakhulu kubantu.

302 Kodwa ake nginitshele, angizami ukutshela abantu ukuba bashiye ibandla noma . . . He, ngifuna ukuya enkonzweni, "Ungakuyeki ukuhlangana." Kodwa engizama ukunitshela khona ukuba nikwenze ngukufuzula ningene eMbusweni kaNkulunkulu. Nithole lezizinto, izwe, bandla . . .

303 MaPhentekoste, ninabantu ningenwa kakhulu yizwe. Ningena kakhulu ezweni. Kulula nje, nilokhu niqhubeka nokubuka amatelevishini nazo zonke lezizinto, nendlela abenza ngayo, nakho konke *lokhu*, nento yokuqala niyazi . . . Amakholiji, izikole ziqala ukuxegisa lapha nalaphaya, na*lokhu, lokho,* no*kunye,* nento yokuqala niyazi . . . Kuzofanele kufike ngaleyondlela. Ibandla lePhentekoste, belingumsekeli wami

omkhulu kunabo bonke, ngeke ngasho lutho okumelene nalo. Kodwa yilokho engikukhalelayo, "Bazalwane bami, phumani!" Biza . . . Anisenayo imihlangano enanivame ukuba nayo. Abantu abasenjengoba babevame ukuba njalo. Kodwa uJesu Kristu usafana, masigudluke singene kuYe.

304 Manje, nina eniphakamise izandla zenu, khumbulani, kwakukhona iDwala elishayiwe ehlane, nalowoMthombo usavuliwe kulobubusuku. IDwala labo lalishayiwe, uKristu, UyileloDwala elishayiwe.

305 Futhi kulobubusuku, ngokwazi kwami, ibandla lingahle li . . . Isikhathi sokubiza singahle ukuba sesivele sedlule, angazi, ngeke ngakusho lokho. Khumbulani, abantu baqhubeka ngqo benemihlangano, ngokufanayo nje, emva kokubethelwa kukaJesu. Ne . . . nabobonke abantu, ba—bayoza, ba . . . Bhekisisani! Ba—bayoqhubeka ngqo beshumayela, futhi bethi ba "yasindiswa" nayo yonke into, kube sengathi nje . . . "Izwe liqhubeka njengoba kwakunjalo," bathi. Kodwa kuyobe sekuleyithi kakhulu ngalesosikhathi.

306 Usenethuba, mfowethu; usenethuba, dadewethu; ngena eMbusweni kaNkulunkulu. Awudingi ukuthi ungene phansi kwanoma yini enye into kodwa nje ukukholwa okusobala ukukholwa iZwi laKhe. UyileloZwi! "Nkosi Jesu, ngiyazi ukuthi ngizibuka mina uqobo esibukweni seZwi likaNkulunkulu; o, ngisilele kangakanani. Kodwa, Nkulunkulu othandekayo, lapha kulobubusuku, ngalobubusuku bangoMsombuluko, lapha eSan Bernardino, eCalifornia, kulelihholo lapha, yilokhu—yilokhu kuphela enginakho, Nkosi, kodwa ngizokunika Wena. UngaNgithatha njengoba nginje, Nkosi na? UngaNgivumela ngibalekele esiphambanweni ngokukhulu ukushesha na? Ngibona ngisho nezithunywa. Ngibona isikhathi, ngibona ukubizelwa ngaphandle kweSodoma. Ngibona izibonakaliso. Ngibona iqembu lika-Abrahama lemukela ukuKhanya. Ngibona ukubonakaliswa, uJesu ebonakaliswa futhi phakathi kwethu ngqo njengoba kwakunjalo. Ngibona zonke izinto Owazethembisa. Ngibona abazifanisa nomuny'umuntu; ngiyabona Wena washo ukuthi, 'Njengoba kwenzeka emihleni kaMose,' ukuthi loJambre noJane bayobuya kanjani ukuba bazifanise nomuny'umuntu, futhi basalokhu besele khona ngqo kuleyondawo efanayo yokuthululela izibi ababekuyo."

307 Niyabo, abakwazanga ukulandela uMose ngaleloZwi futhi bathathe labobantwana babakhiphe lapho bayongena ehlane, ngoba babehlanganiswe neGibhithe. Babengenakukwenza, nakuba babenze imisebenzi efanayo nayenzayo. Kodwa ubuwula babo babasobala. NeBhayibheli liyasho, lowo nguISHO KANJE INKOSI, "Kuyokwenzeka futhi ngosuku lokugcina."

308 Futhi nikubona ngamehlo enu uqobo, uma ningababakamoya. Ngi . . . ngeke ngaKuchaza. Akunasidingo kimi sokuKuchaza.

"Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi." Asiye kuYe manje, sisenethuba. Nizokwenza na?

309 Uma ninesidingo sombhaphathizo kaMoya oNgcwele, uma ninesidingo sokuphinda nizinikele, impilo entsha; umelusi wenu ngeke anidelela, uyonithanda ngakho. Zinikele nje wena uqobo ngokupheleleyo kuNkulunkulu kulobubusuku, siselapha. Akuthi . . . Yebo, ngiyazi bekul'khuni, kusika, kuxakile, angikusho lokho ukuba ngedeleleke, ngenza lokho ukuba ngibe qotho. Ngenza lokho ngoba ngiyanithanda, Ngiyamthanda uNkulunkulu, futhi ngikwenza ukuba ngizame ukunisiza. Futhi qiniso, mngani, ngi—ngi—ngikholwa . . . Nangayo yonke inhliziyo yami, ngakho konke ukukholwa kwami, ngikholwa ukuthi uMlayezo uvela kuNkulunkulu. Ku—Kulokhu kufakazela nina, eminyakeni.

310 Manje lalelani, kulobubusuku zinikeleni ngakho konke eninakho, yonke into ebeniyidinga. Ngiyakholwa, ngeyeqiniso, inhliziyo ezinikele, uma nizoma ngezinyawo zenu, futhi niphakamisele isandla senu kuNkulunkulu, bese nithi, "Nkulunkulu Othandekayo, ngilapha. Ngithathe, Nkosi. Akusesikho ukuthi ngizozama ukusebenzisa umqondo ongowami nokuhumusha okungokwami. IZwi laKho lithi ngifanele ngibe 'ngcwele, ngifanele ngizalwe ngokusha, ngifanele ngigcwaliswe ngoMoya, kuzothi-ke uMoya ungiholele kulo lonke iQiniso.' Nkulunkulu Othandekayo, ngilapha, ngihole." Ningakwenza lokho kangako na? Uma nikwenza lokho kangako, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyavuma ukwenza lokho, ngiyavuma ukukwenza."

311 Manje-ke sonke asime ngezinyawo zethu.

> Njengokuba nginje, ngingenaso nesisodwa isicelo,
> Kodwa ukuthi iGazi laKho lachithelwa mina,
> Nokuthi Ungiyala ukuba ngize kuWe,
> O Wundlu likaNkulunkulu, (uNkulunkulu nguye kuphela umNyango) . . . za! Ngi . . .

Manje tholani konke okomsebenzi wenu, yonke enye into, ukukhathala kwenu, yonke into . . . Ukuba-ke benifa manje na?

> Njengokuba nginje, Wena uyomukela,
> Uyokwemukela, uxolele, uhlanze, wemukele;
> Ngoba ngi . . .

Ungasiphakamisa isandla sakho, kulelivesi manje na?

> Ngiyethembisa, ngizokholwa,
> O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza! Ngiyeza!

312 Manje umshayi we ogani esaqhubeka—qhubeka nokushaya, makuthi ngamunye wethu . . .

313 Matshitshi namabhungu enibancane, niyafuna ukuphuma kanje lapha emgwaqeni, lesisigejane sezixhwanguxhwangu na?

314 Dadewethu, ufuna ukuba nezinwele ezimfishane, kanti kungukuhlonipheka koMnazari kuNkulunkulu ukuba nezinwele ezinde na? "Kuyihlazo kuye ukugunda izinwele zakhe." Ningazigqoka yini leziziketi ezindadlana nezinto abazigqokayo namhlanje, le—lengubo yokugqoka yokungabi nasimilo, nomzimba wakho ubonakala kuyo, phandle lapho emgwaqeni na? Bewazi yini ukuthi wonke owesilisa okubukayo uphinga nawe enhliziyweni yakhe na? Futhi uziveza wena kanjalo. Niyazi yini, besifazane, nina enizipendayo, munye kuphela owesifazane eBhayibhelini owake wazipenda na? Futhi uNkulunkulu wamnikela ezinjeni. UJezebele, igama ebelizondwa selokhu kwaba lusuku lwakhe, ngenxa yezenzo zakhe zalokho. Niyazi kwakunguElija umprofethi owaqalekisa lokho futhi wambizela phandle ngaleyondlela na? Niyazi yini ukuthi kwakunguHerodiya uJohane umBhaphathizi amlandelayo na? Niya . . . Anifuni ukuba yileyonto yaseHollywood yezwe. "Uma nithanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho kini."

315 Mfowethu, mngani ongumfundisi, lutho . . . Ngiyacela ngiqondeni, ngingumfowenu. Uyafuna ukuzihlanganisa, nani malunga ebandla elithize (iMethodisti, iBaptisti, kumbe noma ngabe ubuyini), ufuna ukubambelela kulelohlelo ngoba unyoko nogogo wakho babambelela kulelo na? Uphuma entweni ethize ukuba angene kulokho, lokho kwakungukuKhanya kwalolosuku; lokho, njengasezikhathini zikaNowa. Lolu ngolunye usuku.

316 Wena uthi, "Awu, ngangine . . . "

317 Lolu akusilo usuku lwePhentekoste. Unyaka wePhentekoste sewedlule. IPhentekoste ayisekho, lesi yisikhathi sokuvuna. Niyabo? Nesikhathi sokuvuna, ukuvuna; amanzi asethululiwe, uhlamvu luyavuthwa. Ngena ohlamvini, mfowethu othandekayo. Ngizwe, ngikholwe, uma ungikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, makuthi ngamunye, ngendlela engeyakho, sikhothamise ikhanda lethu ngokuzithoba futhi sinikele umkhuleko esa—esaziyo ukuthi sifanele siwunikele, "Nkulunkulu, ngithathe njengoba nginje."

318 Futhi mfowethu, dadewethu, ngizibeka mina e altare kulobubusuku, futhi: Nkulunkulu, ngibumbe futhi ungenze ngehluke. Yenza okuthize, Nkulunkulu, ngenze ngendlela yaKho.

319 Nicabanga ukuthi kulula ukuma lapha bese usika abantu babe yizicucu kanjalo na? Kuyinto el'khuni ukuyenza. Kodwa maye kimi uma ngingakwenzi.

320 Nkulunkulu Othandekayo, njengoba lezizethameli zikhothamisa ikhanda lazo nenhliziyo, kulemizuzwana enesizotha lapha yokuvalwa kwalesisifundo seBhayibheli; uma sibona ukuqinisekiswa kukaMoya oNgcwele owazamazamisa

lesisizwe emuva naphambili, nasemuva naphambili, izimvuselelo ezinkulu nokuqinisekiswa, sazi ukuthi into ethize izolandela lokho. Bese-ke sibona lezoziNgelosi eziyisikhombisa zehlela lapho esiqongweni saleyontaba ngaleya eArizona, ngenkathi ngisho namaphephabhuku esizweni sonke egcwele Khona. Ukubona uJesu uqobo lwaKhe lapho ezibhakabhakeni, ebuka phansi, futhi esho ukuthi, "Ezambulweni 10:7, ngoMlayezo wengelosi yesikhombisa, lezizimpawu ziyovulwa, izimfihlakalo zikaNkulunkulu ziyokwaziswa." Ukuthi abaguquli abaphilanga isikhathi eside ngokwenele uku—ukukukhipha. Futhi lapha, lezizimpawu eziyisikhombisa ezavalela ngophawu yonke into luzovulwa ngalolusuku. Ukubona lezizibonakaliso ezinkulu nezimanga okwenziwe, kwaqinisekiswa, kwashiwophambili kungakenzeki, futhi akukaze nangesisodwa isikhathi Owake wehluleka kithi, kodwa ukwenze kwafezeka njengoba kwashiwo nje.

321 Nkulunkulu Othandekayo, siyaqonda ukuthi uJesu Kristu uphakathi kwethu. Siyazi ukuthi Ulapha. Ulapha kulobubusuku, uNkulunkulu ongenakubonwa ulapha nathi, futhi angaqinisa zonke izithembiso Azenza eZwini laKhe. Ukuthi Ume kanjani futhi wafakazisa kubo, nemihlane ifulathele, ekuqaleni kwasekuqaleni ngaphambi ngisho kokuba abazifanisa nomuny'umuntu bangene eringini, Nkosi, noma bangena eku—ku—kuncintisaneni, njengoba kwakunjalo. Ubonisile futhi wafakazisa, waprofetha futhi washo ngayo impela indlela okwakuzokwenzeka ngayo, futhi siyakubona kwenzeka ngaleyondlela. Futhi Baba, Nkulunkulu, siyazi ukuthi kungebe ngumuntu, kufanele kube nguNkulunkulu. Ngakho siyazi ukuthi nguWe lapha kulobubusuku. Sithethelele ngezono zethu.

322 Nkulunkulu Othandekayo, Ukuphilisile ukugula kwethu, manje si—sithethelele izono zethu, Nkosi, ngokungabi wuhlobo lomKristu esifanele sibe yilo, hhayi . . . Sizisho ukuthi singowesilisa noma owesifazane ogcwele iVangeli, futhi lapha sizithola thina uqobo sincipha njengenkukhu yehlelo. Sisize, Nkulunkulu othandekayo, sithathe futhi usinyakazise ngoMoya waKho oNgcwele. Futhi uma kukhona noma yini kithi engafani naWe, kukhiphe kithi, Nkosi. Bese umilisa izinyawo zethu eZwini eliNgcwele likaNkulunkulu, futhi vumela uMoya oNgcwele ushise phansi enhliziyweni yethu futhi ukhiphe onke amanyela okungakholwa nokozela kwalolusuku; o, asivuke futhi sizinyakazise thina. Siphe khona, Nkulunkulu. Sihlanze! Sibumbe! Senze! Nkulunkulu, siphe khona.

323 Uma ekhona phakathi lapha kulobubusuku, Nkosi, obambe enhliziyweni yabo lolohlamvu, leyombewana esokhalweni lukaNkulunkulu olumiselwe ukuPhila kusukela ekusekelweni kwezwe; ngiyazi, Nkosi, ukuthi babophezelekile ukuzwa ngalelihora. Ngakho, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi

Uzogcwalisa umphefumulo wabo futhi ubakhanyisele ngombhaphathizo ofreshi kaMoya oNgcwele, bese ubathumela endleleni yabo, bejabula futhi bethokoza.

324 Nkosi Nkulunkulu, ba . . . Ngibanika Wena. Angibazi ukuthi bangobani, Wena uyabazi. Ngibophezeleke kuphela ekushumayeleni iZwi laKho, Nkosi, njengoba ULembulile. Wena ubophezeleke kukho konke okwalo: lapho iMbewu iwela khona. NgiyaLiphosa nje. Nkosi Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Liwele komuhle, umhlabathi ocebile kulobubusuku. Ukuthi abaningi bazoLibona, Nkosi, futhi livukele emaKristwini akhanyayo ngalolusuku lokugcina, ukuthi into enkulu esiyibheke ukuba ifike, izofika ngokushesha. Siphe khona, Nkosi. Futhi Uzothatha iBandla laKho, uMlobokazi waKho, futhi uMyise ekhaya. SiLibona lihlelwa ngokuhlelekile. Woza, Nkosi Jesu. Sinikela konke Kuwe, eGameni lika Jesu Kristu, ngalemivuzo. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
KowaseKalvari . . .

325 NiyaMthanda na? Awu, khona-ke nifanele nithandane. Xhawulanani uma nicula lelo futhi:

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
E . . .

326 Manje asi*Mnike* udumo. Bangaki owazi leloculo:

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokubulawela izoni;
Mnikeni inkazimulo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisusa ibala ngalinye.

327 Asilicule manje:

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokubulawela izoni;
Mnikeni inkazimulo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisusa ibala ngalinye.

328 Awuzizwa ukolobheke konke na? Phakamisa isandla sakho bese uthi, "O, lokho kungenza ngizizwe ngikahle." Mfowethu, ngiyawathanda lawomaculo ayifeshini endala. Aniwathandi na? Ehlela enhliziyweni.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokubulawela izoni;
Mnikeni inkazimulo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisusa ibala ngalinye.

329 Asiphakamise izandla zethu nje manje futhi sidumise uNkulunkulu, sonke, ngendlela yethu uqobo:

330 Nkosi Jesu, siyaKubonga. SiyaKudumisa, Nkosi. SiKunika udumo ngabantu ababizelwe ngaphandle, abaphuma eBabiloni. SiyaKubonga ngeGazi leNdodana yaKho, uJesu Kristu. SiyaKubonga ngoba Yena usenza sihlanzeke ngalomzuzu. Si int-. . . Sicela intethelelo ngeziphambuko zethu, ubuthutha bethu, Nkosi, isikhubekiso sethu ebumnyameni. O Nkulunkulu, kwangathi singavuka sikhanye, futhi sihambe ekuKhanyeni kwakusihlwa, futhi sibe yisithelo soMuthi ozayo ngokuKhanya kwakusihlwa. Siphe khona, Nkulunkulu othandekayo. Sizinikela thina uqobo kuWe, eGamani likaJesu Kristu.

331 Manje amakhanda ethu ekhotheme, ngininika abelusi abesekela inkonzo.

*Izehlakalo Zamanje Zichasiswa Yisiprofetho* ZUL65-1206
(Modern Events Are Made Clear By Prophecy)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMsombuluko kusihlwa, ngo Disemba 6, ngo 1965, kwidili leFull Gospel Business Men's Fellowship International eOrange Show Auditorium eSan Bernardino, eCalifornia, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

